# UKUTHONYA

Sanibona ekuseni, kuhle kakhulu ukuba lapha kulokhu ukusa, ukuzwa lombiko omuhle wokuthi umsebenzi weNkosi ukhula kanjani. Yilokho esikukhonele lapha. Yilokho esikujabulela njalo ukukuzwa, umsebenzi weNkosi wanda.

2 Futhi ngenkathi ngivuka kulokhu ukusa, ngi—ngicabange ukuthi nginenzele okubi, nge—ngehlise isimo sezulu saseIndiana ukuba sinivakashele. Mina, kungo—ngokokuqala kimi, ngibone uayisi ePhoenix; ngaphandle kwendlu ka ayisi, niyazi. Kodwa—kodwa lokhu bekusemgwaqeni kulokhu ukusa, uayisi. Umkami uvukile wayesethi, "IPhoenix le?"

3 Ngathi, "Ngicabanga kanjalo." Ngathi, "Angicabanganga ukuthi singena ngokungesikho izolo ebusuku." Kodwa bekumangaza ngempela ukubona uayisi ePhoenix. "Awu," ngathi, "uma nje ubungavuka ngokwenele ukuba uze neno ekudleni kwasekuseni, uayisi wonke uzoncibilika laphaya, ngoba uBukhona beNkosi njalo buncibilikisa konke ukubanda."

4 Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulokhu ukusa noMfowethu noDadewethu Williams, noMfowethu Rose, naso sonke isitafu. Futhi ngijabula kakhulu ukubuyela eRamada futhi. Kunento ethize ngalendawo. Ngikubona ngasemigwaqeni ekuhambeni kwami, ngicabanga ngemihlangano engibe kuyo lapha, ngaphambili, yaseRamada. Futhi silapha manje ukuqala uhide lwemihlangano nabazalwane bethu ngapha sonke isigodi, ngaphambi kwe—kwengqungquthela yosomabhizinisi.

5 Futhi bangaki abefundisi abalapha kulokhu ukusa na? Asibone izandla zenu, ndawo zonke. O, lokhu yi. . . Awu, sisebhizinisini kahle. Sisalokhu sibazisa ukuthi sisebhizinisini, nathi, ibhizinisi elikhulu kunawo onke ezweni, ukusindisa imiphefumulo. Futhi thina befundisi sijabule ngempela kulokhu ukusa ukujoyina izandla nalesisitafu sa—sabantu nje abangamaKristu, nabo, ngabasizi nesiphathisene nabo kulomsebenzi, ukusiza kusindiswe imiphefumulo iye eMbusweni kaNkulunkulu. Kunokubonga kakhulu ngalomzamo!

6 Ngangilalele ngoluny'usuku ekusakazeni komsakazo, njengoba ngangishayela, futhi kwakukhona ummeli owasho u—ukuphawula okukhulu engacabanga ukuthi kwakugqamile. Wathi, "Kukanjani, ukuthi, ngalolusuku, ukuthi siyazi ukuthi sibhekene nesikhathi sokuphela," wathi, "nokubona abantu nje nabefundisi nje bazinze futhi bengatholi ukuthi bashukumise intukuthelo yabo elungileyo, ukubona izwe lisesigayegayeni kakhulu esonweni njengoba linjalo, ukuthi bobabili umfundisi nabantu nje bafanele becindezele ngayo yonke imizuzwana, ekuFikeni kweNkosi, kusondele kuseduze. Futhi asibonakali

sishisekele ngakho, njengoba besifanele." Ngangikhuluma ngoluny'usuku ngendaba yokuba qotho.

7 Manje, siyakholwa, njengabantu beVangeli eligcwele, ukuthi sineQiniso, iQiniso leVangeli. Siyaqonda ukuthi kuningi kakhulu ebesingenza ngcono kukho, kulokhu.

8 Futhi sibheke phambili esikhathini ukuthi uma . . . konke obekushiywe kungaqoqiwe kwalezizimvuselelo ezinkulu okunqwamane nezwe emakhulwini-minyaka ambalwa edlule, awu, selokhu kwaba ngukuwa kwebandla, kwase-ke kuba ngumnyaka wesikhathi sobumnyama. Kwase kuthi-ke lamaqhawe amakhulu avela, eQiniso, futhi aphila isikhathi eside ngokwenele ukuthi ukukuthola kwakheke phakathi nendawo, bese kuthi-ke okushiywe kungaqoqiwe okuncane kuphele.

9 Siyatshelwa, eSambulweni 10, ukuthi kuyoba nesithunywa ngosuku lokugcina, siyobutha leziziphetho ezincane futhi siyozihlanganisa ndawonye. Bese kuthi-ke imfihlakalo kaNkulunkulu ifezwe, ekubetheni kwalengelosi, eyayiyisithunywa somhlaba. Manje-ke Le eyehla ivela eZulwini, nezandla zaYo ziphakeme, uthingo lwenkosikazi phezu kwekhanda laYo, futhi yafunga ukuthi isikhathi asisayikubakho; iNgelosi ithatha isifungo. Futhi uma sibona ukuthi lento isiyaphatheka, o, sifanele sibe qotho kanjani.

10 Zonke izithembiso zikaNkulunkulu ziqinisile, kodwa zinombandela. Akunandaba ukuthi siqinisile ngokuqave kangakanani, sifanele sisondele kukho ngendlela efanele. Manje, amadoda angaba ngaqinisile ngokwesisekelo, futhi abe esalokhu engazemukeli izibusiso zikaNkulunkulu ngoba kusondelwa kukho ngendlela engesiyo. Kuhamba phezu kwemibandela.

11 Isibonelo nje, ngenkathi uAhabi noJehoshafati endawonye. NeRamoti-gileyadi ngempela lalingelikaIsrayeli, ngokwesisekelo, ngoba izwe elabiwa nguJoshuwa, ngoJoshuwa, nguNkulunkulu, lalinikwe uIsrayeli. NamaSiriya lalithatha i—izwe futhi esuthisa izisu zesitha, ngokudla okwakufanele kunikwe uIsrayeli. Ngokwesisekelo, uAhabi wayeqinisile. Futhi yingalesosizathu abaprofethi bamaHeberu abangamakhulu amane, ngokuvumelana kunye, wayeprofetha, "Yenyukela eRamoti-gileyadi." Ngokwesisekelo, babeqinisile. Kodwa uAhabi wayengaqinisile, qobo lwakhe.

12 Futhi ngenkathi lendoda eyodwa encane isukuma, egama linguMikaya, indodana kaImla, futhi wabona umbono. Manje, umbono wendoda eyodwa, iphikisana nabaprofethi abaqeqeshiwe abangamakhulu amane, kodwa umbono wendoda waqhathaniseka neZwi. Yingaleso sizathu wazi ukuthi wawuqinisile. Futhi, niyabo, kungombandela. Sifanele siqiniseke.

13 Ngenkathi uHananiya eprofetha, futhi wasusa ijoka entanyeni kaJeremiya.

14 Lokho, uIsrayeli wayezoba yizitsha zeNkosi, njalo, ezansi naphansi kukaNebukadinezari, nayo yonke imibuso ezungezile yayinikwe lomhedeni onguNebukadinezari ezansi eBabiloni. Nangu uIsrayeli benza imihlatshelo yabo, futhi nje bengabakholwayo impela nje futhi benesisekelo ngakho konke, kodwa nokho ubuqotho babukushiyile. Futhi banikezwa ezansi lapho ukuba babe—babe yizigqila ukuba bakhonze uNebukadine-. . . uNebukadinezari yonke leminyaka. NoJeremiya wayenejoka entanyeni yakhe. NoNkulunkulu wayemtshelile, "Akunandaba ukuthi umprofethi uprofethani, ukuthi umphuphi uphuphani, kumbe noma yini enye ephambene nalokho Akusho, kwakuyiphutha."

15 Futhi nakho kwakumi uHananiya. UHananiya, eqotho nje impela njenganoma iyiphi indoda engaba qotho, futhi waprofetha enomlayezo, "ISHO KANJE INKOSI." Awu, kusobala abantu babengashaya ihlombe kulokho. Lokho kuqinisile. "ISHO KANJE INKOSI. Bona, uyo, bayobuya eminyakeni emibili, ebusweni beminyaka emibili egcwele." Futhi wenyukela kulowomprofethi oqinisekisiwe, walisusa lelo entanyeni yakhe futhi walephula. Wayesethi, "ISHO KANJE INKOSI."

16 Niyakhumbula ukuthi uJeremiya wathini na? "Hananiya, amen. Makube njalo. INkosi yenza amazwi akho. Kodwa asikhumbule, bekunabaprofethi phambi kwethu. Baprofetha bamelana nemibuso emikhulu, bamelana nempi, kanjalonjalo. Kodwa umprofethi waziwa kuphela uma isiprofetho sakhe sifezeka." NoHananiya walephula ijoka. Futhi khona-ke uyazi ukuthi uNkulunkulu wamtshelani.

17 Ngicabanga ukuthi thina bantu abangamaPentecostal. . . Ngokwesisekelo, iVangeli eligcwele liyiQiniso, kodwa kunokuningi okuhambisana nakho: ilobobuqotho obujulile balokho uNkulunkulu asiphe khona, sifanele sisondele kukho ngezinhlonipho, no—nothando, nangesimo sokuziphatha esithobile. Ngicabanga ukuthi yilokho esikudingayo.

18 Futhi manje, kulemihlangano ezayo, anga—ngazi ngempela ukuthi ngiyaphi, Mfowethu Williams. Kungukuzungeza ukusuka endaweni kuya endaweni, phakathi kwabazalwane bami. Nonke khulekelani ukuthi uNkulunkulu uzosisiza, ukuthi kuzoba nabagulayo abaphiliswayo. Futhi kuzoba. . . Into yokuqala, mangisho, kuqala, kuzoba nemiphefumulo esindiswayo, na—namakholwa agcwaliswe ngoMoya oNgcwele, abantu abagulayo baphiliswe, uNkulunkulu emukele inkazimulo, neBandla laKhe likhulele uMbuso kaNkulunkulu.

19 Futhi ngilapha ukuba ngisize ngandlela zonke engingasiza ngazo. Kulokhu, nginazo. Ngicabanga ukuthi ngabantu beVangeli eligcwele ngempela ikakhulu, i—iAssemblies of God, neFoursquare, nechurch of God, nabazalwane be Oneness,

nabo bonke—bonke ndawonye. Futhi yingaleyondlela engi—ngikuthanda ngayo, lapho esingaya khona endaweni ngayinye, futhi sonke sibe ndawonye.

20 Iphentekoste ngempela ayisiyo inhlangano. Iyisehlakalo. Lokho, sithola ukuthi imicabango yethu emincane eyayivame ukuba yikho, eminyakeni eyadlula, ukuthi, "Iqembu elilodwa nje, elithiwa amaPentecostal, kwakuyilo kuphela elalinalesisibusiso." Sithola ukuthi uNkulunkulu wavele nje wadabula wakhipha imiqondo yethu emincane yonke yaba yizicucu. Wangenisa amaKatolika, iPresbyterian, amaMethodisti, amaBaptisti.

21 Wanika labo uMoya oNgcwele abaMkhonzayo, benza intando yaKhe, futhi Akaguquki. Angeguquke. Isimo saKhe sokuziphatha sifanele sifane njalo. Izinqumo zaKhe ziphelele, kwasekuqaleni nje. Uzofanele angashintshi lutho, amaZwi aKhe. Uyazibusa. Akadingi kuguqula noma yini, futhi Akaguquki neze.

22 Ngakho siyajabula kulokhu ukusa ukuthi uKristu uyaphila. Futhi njengoba iculo lisho, "Nazi kanjani ukuthi Uyaphila na? Uphila phakathi kwezinhliziyo zethu." Futhi siyakwazi lokho. Siqinisekile ngakho.

23 Ngakho ukusondela emvuselelweni, iza, isuka ebandleni iya ebandleni, bese-ke ngibuyela lapha eRamada ngenzele ingqungquthela, asihambe ngenhlonipho yokuzithoba, ubuqotho obujulile, sizithobe, sikhuleka, futhi simkholwa uNkulunkulu.

24 Manje, ngiyazi sihlala isikhathi esidana, njalo, kodwa angifuni ukwenza lokho kulemihlangano. Ngifuna ukungena lapho, futhi ngikhiphe abantu, futhi baye ekhaya, futhi ngenze engingakwenza okoMbuso. Futhi ngisuke ngiye ndawondawo, futhi ngikhuleke ubusuku bonke, uma ngifuna ukuxoxa isikhashana neNkosi, futhi nginganibambi ngisakwenza.

25 Futhi manje, kulokhu ukusa, ngizwa sengathi lokhu ukudla kwasekuseni kuluhlobo lokuvula e. . . Lesi yisiqalo, futhi ekugcineni imvuselelo iyisiphelo se—semvuselelo.

26 Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana, ngobuqotho, njengoba sisondela esihlalweni saKhe sobukhosi somusa wesihlalo sobukhosi. Futhi akungabazeki kodwa ukuthi kunezininingi izicelo phakathi lapha kulokhu ukusa. Kodwa sisakhuleka, futhi uthanda ukukhunjulwa, ubungaphakamisa nje isandla sakho, bese ubamba phansi kwalokho imfihlo ofuna uNkulunkulu akwenzele yona. Ngiyabonga.

27 Wena ongcwele kakhulu noNkulunkulu ohloniphekile, uSomandla, sisondela esiHlalweni saKho sobukhosi manje, njengoba senyuka sisuka kulendawo ethiwa yiRamada Inn. Sedlulela phambili le, ngokukholwa, inyanga, izinkanyezi, ngaphezu komthala wezinkanyezi, siyongena eBukhoneni

bukaNkulunkulu, njengoba simi ngasesiHlalweni saKhe sobukhosi esikhulu esiMhlophe, sibuka ngaphesheya kwalezoziNkanyiso zegolide lapho uNkulunkulu yedwa engahlala khona. Siyabona, phakathi kwethu naleliAltare, kunoMhlatshelo oneGazi ulele Lapho. Njengoba umfowethu nodade bekuzwakalise kanjalo, esikhashaneni esedlule, “LoWo ogama linguJesu.” Futhi Wethembisa, ngenkathi Elapha emhlabeni, “Uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyonipha khona.” Lapho siyaMbona namhlanje, emi lapho ukwenza abe mahle onke amaZwi nazo zonke izithembiso Azenzayo.

28 Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzosivumela singene eBukhoneni baKho, ngobuqotho, nangokukholwa, sikholwa manje ukuthi Uzokuphendula lokhu esikucelayo. Nento yokuqala yazo zonke izinto, sizicelela thina uqobo, ukuthethelelwa kwazo zonke iziphambeko zethu, nazo zonke izinto esizenzile, ebezingebaleke, Nkosi. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosithethelela, futhi uvumele leloGazi eliligugu loMhlatshelo elisealtare, kulokhu ukusa, lisihlanze kukho konke ukungalungi, konke ukuzidla, nakho konke lokho okuphambene, Nkosi, nemiyalo yaKho emikhulu nezifiso zaKho ngathi.

29 Kwangathi thina, kulokhu ukusa, Nkosi, ngenye indlela, noma ngesinye isikhathi, singazehlukanisela Wena, nase kuzehliseni kwethu sikholwe ukuthi Wena uzoshukumisa imvuselelo kuso sonke lesisigodi. Futhi sibuthakathaka kakhulu, Nkosi. Ukuzama ukuzethwesa umzamo omkhulu kangaka, bekungenakwenzeka nhlobo. Kodwa Wena, O Nkulunkulu, ungathatha izinto ezibuthakathaka zomhlaba futhi ungenza imisebenzi kaNkulunkulu yamandla ngazo. Siyazithoba njengamakholwa, futhi sicela ukuthi Uzothatha lezizitsha ezibuthakathaka, futhi uzosebenza imisebenzi yaKho ngazo, ukuze sibone imiphumela emikhulu uma lomhlangano usuphelile, ukuthi umsebenzi kaNkulunkulu usuqale ukubonakaliswa kabusha kulesisigodi.

30 Busisa bonke abazalwane bethu, amabandla, ihlelo ngalinye, onke amalunga alo. Nalo osomabhizinisi, loluquqaba oluzehlukanisele izimpilo zabo kuWe, siyakhuleka, Baba Nkulunkulu, ukuthi Uzobabusisa engqungqutheleni yabo ezayo. Ngakho konke, Nkosi, sebenza inkazimulo yaKho ngathi, ukuze abanye babone izinto ezinhle zikaNkulunkulu, futhi balangazelele ukuMkhonza. Sinikela lezizinto kuWe ngothando nezinhlonipho, nokukholwa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

31 Manje ngithanda, kulokhu ukusa, uNkulunkulu ethanda, ukuvula umBhalo, uma nifisa ukuvula manje, encwadini kaIsaya. Nalona kungumhlangano wosomabhizinisi, nokho ibhizinisi labo elikhulu ngukuthola imiphefumulo ibe kahle noNkulunkulu. Yilokho abanikelelwe ukuba bakwenze. Futhi

sifuna ukukhuluma ngeVangeli, nobuqotho nokusondela kulo. Futhi asiqale ukufunda manje kuIsaya 6, 1 isahl-. . . Noma, ivesi 1 likaIsaya 6, sifunde sehle, kufaka nele 8.

> Futhi *ngomnyaka wokufa kwenkosi u-Uziya ngayibona iNkosi ihlezi esihlalweni sayo sobukhosi, esiphezulu . . . siphakemeyo, umsila wengubo yayo ugcwalisa ithempeli.*
>
> Futhi *ngaphezu kwayo kwakumi amaserafi: yilelo . . . lalinamaphiko ayisithupha; ngamabili lamboza ubuso balo, nangamabili lamboza izinyawo zalo, nangamabili landiza.*
>
> *Nelinye lamemeza kwelinye, . . . lathi, Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNKOSI* uNkulunkulu *wamabandla: wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe.*
>
> *Izinsika* zeminyango *zathuthumela ngezwi lomemezayo, indlu yagcwala umusi.*
>
> *Ngase ngithi, Maye kimi! Ngokuba ngiphelile; lokhu ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile: ngokuba amehlo ami abonile iNkosi, iNKOSI yamabandla.*
>
> *Kepha landizela kimi elinye lamaserafi, liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo, elalilithathe ngodlawu ealtare:*
>
> *Lathinta umlomo wami lathi, Bheka, lokhu kuthintile izindebe zakho; ububi bakho sebususiwe, nesono sakho sihlanguliwe.*
>
> *Futhi ngezwa izwi leNkosi, lithi, Ngiyakuthuma-bani, futhi ngubani oyakusiyela na? Ngase ngithi, Nangu mina; ngithume mina.*

32 Ngifisa ukudonsa kulendikimba encane, enye ingqikithi, kwamanye amanothi engiwabhale phansi lapha. Futhi uma bengingayinikeza isihloko, bengingathanda ukuyibiza ngokuthi: *Ukuthonya.*

33 Niyazi, kunabaningi kakhulu bethu, futhi iningi lethu sonke uthonya omunye ngezinto esizenzayo, nangendlela esiphila ngayo, nezinto esizishoyo. Ukhona esimthonyayo. Omunye umuntu ubhekisisa impilo yakho. Bese kuthi-ke uma sizisho ukuthi singamaKristu, nhloboni yokuphila esifanele siyiphile uma kukhona osibhekisisayo na? Nempilo yakho oyiphilayo iyobonisa ukuthonya komunye. Lokho kungahle . . . Kungahle kube yi . . . Isiphethelo sabo saPhakade siyoncika phezu kwendlela oyiphilayo nezinto ozenzayo, ngokuba bayakubhekisisa.

34 Endikimbeni yethu kulokhu ukusa, njengokuthi *Ukuthonya*, sithola ukuthi leNkosi uUziya wayenguku—ku—kuthonya

okukhulu kuIsaya, u—umprofethi osemncane. UIsaya wayekade ebizelwe eceleni kwakhe, futhi engonodumo, umprofethi oqinisekisiwe wangosuku lwakhe. Futhi wayene. . . Ngikholwa ukuthi indlela uIsaya akukhuluma ngayo, wayeyi—yi. . . wayenokuthonya okukhulu phezu kukaIsaya.

35 Manje, sithola ukuthi uUziya wabizelwa ukuba yinkosi eneminyaka ethi ayibe yiminyaka eyishumi nesithupha ubudala, emva kokufa kukayise. Noyise wayeyi—yikholwa elikhulu. Futhi wayene. . . Unina naye wayengowesifazane owayekahle kakhulu. Nalenkosi esencane yayikade ithweswe umqhele isencane ubudala, futhi ngokushesha ithathe umgwaqo owawufanele, ngenxa yokuthonya kukababa omesabayo uNkulunkulu nomama omesabayo uNkulunkulu.

36 Futhi ngicabanga ukuthi leso yisibonelo esihle kakhulu sethu thina mzali namuhla, ngukubeka isibonelo phambi kwabantwana bethu. Manje, wena uyophila okwakho—okwakho okuhle ukwedlula konke nokwakho okubi ukwedlula konke ekhaya. Futhi ngicabanga ukuthi izimpilo zethu. . . Nakuba abantwana bengahle bangenzi nje ncamashi sengathi bayakuqaphela, kodwa bayakuqaphela. Ungacabangi neze ukuthi abakuqapheli, ngoba bayabhekisisa.

37 Akusibona kuphela abantwana ababhekisisayo, kodwa omakhelwane bayabhekisisa. Akusibona kuphela omakhelwane ababhekisisayo, kodwa u. . . wonke lowo ozihlanganise naye, uyakubhekisisa. Abantu ebandleni lakho bayakubhekisisa. Abantu owenza ibhizinisi nabo ezimakethe, bayakubhekisisa, emva kokuvuma kwakho. Futhi sifanele njalo sizame ukubonisa uKristu kuzo zonke izinto esizenzayo.

38 Ngazi isaga esincane esiwumgomo enganginaso silenga endlini yami eminyakeni eminingi eyadlula. Ngasicosha ngoluny'usuku ngenkathi ngisetabernakele likaBilly Sunday, ngenkathi ngangikomunye wemihlangano enhla e—eWinona Lake. Futhi ngasithanda kakhulu impela ngaze nga—ngasithola. Ngasiphanyeka endlini yami, futhi ngasigcina saze nje sawa sahlakazeka. Sasiyinto efana nale. "Ungayi endaweni obungeke wafuna ukutholwa kuyo uma uJesu ubengafika." Nokuthi, "Ungasho lutho obungeke ufune ukulusho uma uJesu ubengafika." Futhi sasiqhubeka nezinto eziningi, sithi oku. . . Ngamany'amazwi, noma ngabe yini oyenzayo noma oyishoyo, kumbe noma ngabe yimuphi umnyakazo owenzayo, ungawenzi uma ubungeke ufune ukubanjwa ukulesosimo uma uJesu efika. Uma kuphela besingenza lokho, ngiqinisekile besingaba ngukuthonya okukhulu phezu kwesizihlanganisa nabo. Futhi niyakwazi okufanele. Kunezindlela ezimbili zokwenza noma yini, lokho ngokufanele nokungafanele.

39 Nganginendodana yami encane, uJoseph, ethangeni lami, ngoluny'usuku. Ngase ngithi kuye. . . Uneminyaka

eyisishiyagalombili ubudala. Nomunye umfana omncane wayemnyathele izinzwani zakhe, futhi yena nomfana omncane babekade benokulwa. Ngakho ngathi, "Joseph, ungakwenzi, ungakwenzi lokho."

Wathi, "Kodwa, babayi, wenze *ukuthi-nokuthi*."

40 Ngathi, "Kodwa lokho akunandaba, uyabo, akwenzile. Khumbula nje, Joseph, lokho. Uyamthanda uyihlo?"

Wathi, "Yebo, babayi."

41 Ngathi, "Manje-ke khumbula, ukuthi abantu bazobuka impilo yakho njengendodana yomfundisi. Bese kuthi-ke uma wenza noma yini engalungile, khona-ke bazothi, 'Ngabe lomfundisi uvumela umntanakhe enze okunje?'"

42 Manje, siyazi bayakwenza, noma kanjani. Kodwa siyakwazi lokho. NjengamaKristu, siyazi ukuthi sizama ukukhulisa abantwana bethu ngokufanele. Kodwa kuyinto enhle ukugcina lokho phambi—phambi kwabo ngaso sonke isikhathi, ukwenza lokho okufaneleyo. Ungakwenzi, ungaluthathi neze lolo olunye uhlangothi.

43 Ngakho ngathi, "Ngoba, uyabo, lokho akubonisi kuwe kuphela, Joseph, kodwa kubonisa kunyoko, kubonisa kodadewenu. Kubonisa kuyihlo naso impela isizathu somndeni, esikumeleyo. Bese kuthi-ke esikumeleyo, kubonisa kulokho, kuJesu Kristu. Awufuni ukwenza lokho." Ngathi, "INkosi yethu—yethu yasitshela uma si . . . uma omunye umuntu esishaya esihlathini esisodwa, siphendule esinye nje."

44 Futhi, kusobala, lokho kuthi ukuba lukhuni kumfana omncane onolaka olukhulu, okokuqala nje, uku—ukucabanga ngezinto ezinjalo. Kodwa kubeke phambi kwakhe, noma kanjani, uyabo, ukuthi akafanele akwenze.

45 Manje, lomfo osemncane, u-Uziya, wayenoqeqesho olunjalo ezinsukwini zakhe zangasekuqaleni, kwaze kwathi, ngenkathi esethathe isihlalo sobukhosi, akazange aphendukele kwesokudla noma esokunxele, entweni eyayifanele. Wahlala nayo ngqo. Akazange azivumele ezombusazwe zimthonye noma ngayiphi indlela. Wayeyindoda eyayinqume ukukhonza uNkulunkulu, kungakhathaleki. Futhi ngakho ezombusazwe azizange . . . Wazishaya indiva zonke lezozinto. Nenye into engiyithande ngoUziya, kwakungukuthi wakushaya indiva ukuthandwa ngabantu noma umqondo wokuthandwa ngabantu. Kungenandaba ukuthi noma ubani omunye wayecabangani, noma ukuthi inkambiso yokuthandwa ngabantu yosuku yayinjani, wayefuna ukukhonza uNkulunkulu, kungakhathaleki.

46 O! Sidinga amadoda anjalo ezweni lethu lezombusazwe. Sidinga amadoda anjalo eHlala Mongameli. Sidinga amadoda anjalo ebhizinisini. Sidinga amadoda anjalo epulpiti, amadoda

angezukuphendukela emqondweni wokuthandwa ngabantu noma ukuthandwa ngabantu, kodwa azohlala aqonde neZwi, angaphendukeli kwesokudla noma esokunxele.

47 UNkulunkulu, ekuthumeni uJoshuwa, wathi, "Lencwadi yomthetho ayiyikusuka emlonyeni wakho, kodwa uyakuzindla ngayo imini nobusuku. Khona-ke uyakwenza izindlela zakho ziphumelele. Khona-ke uyakuba nempumelelo enhle."

48 Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa uthonya omunye umuntu ngendlela efanayo ohamba ngayo.

49 Futhi ngakho ngiyasithokozela lesisinqumo sokuma uUziya asithathayo, ukuba aphokophelele. Into yokuqala aqala ukuyenza, kwakungukuba avuselele indlu yeNkosi, nokuba akhe izindawo ezazidiliziwe. Bese-ke ephumela esitheni, emva kokuba wayesefakazisile kuNkulunkulu ukuthi wayeqotho. Futhi wa—wayezothatha isinqumo sokuma esifanele, kungakhathaleki ukuthi abantu bakhe abamzungezile, abeluleki bakhe ukuba bamthonyele ohlangothini lwezombusazwe lo—lombuso. Wayengakumeli. Wayefuna intando kaNkulunkulu naleyo kuphela.

50 Lolo wuhlobo lwamadoda esiludingayo. Uhlobo lomama esiludingayo, owesifazane, umama walolusuku, ozothatha isinqumo sokuma esifanele futhi enze lokho okufaneleyo. Kungakhathaleki ukuthi abanye besifazane wenzani, enze lokho okufaneleyo. Kubi kabi nje ukubona isizwe sakithi sisekumbozekeni okunje njengoba sikukho namhlanje.

51 Ngivuke, sekuthe ukuba leyithi kancane kulokhu ukusa, ukuba ngiye ekudleni kwasekuseni. Ngiye endaweni, nokuthi ngithenge ikhofi. Futhi kunenenekazi elincane eliphumela ukuzongiseva. Futhi beline . . . Unkosikazi nami besihlezi lapho. Futhi belinamehlo alo al'hlaza'sibhakabhaka, niyazi, lezozinto—lezozinto phezu kwamehlo alo.

52 Futhi ngibone elinye lalawo eLos Angeles ngesinye isikhathi, elokuqala ukuba ngize ngilibone, amanenekazi enze ngaleyondlela. Nga—nga—ngakucabanga lokho. Nga—ngangizokwenyuka futhi ngilitshele ukuthi ngangiyisithunywa senkolo, futhi ngangisibonile isifo sokudabuka kwesikhumba nochoko, futhi, kodwa ngangingakaze ngibone noma yini enjalo. Futhi ngangizolibuza ukuthi ngangingelikhulekele yini, futhi—futhi, manje, futhi lingitshele ukuthi hlobo luni lwesifo elalinaso. Futhi ngangithi ukusesaba kancane. Futhi ngangingakaze ngibone noma yini impela enjengaso. Futhi mina, ngenkathi ngiwela . . . ngangilinde uMfowethu Arganbright nomunye wosomabhizinisi, nezikhulu. Nenye intombazane yenyuka, ibukeka njengalo nje. Ngacabanga, "Ake nisho, ngi—ngingahle ngibe nephutha lapha. Lokho, lingahle ukuba lazenza lona lokho." Futhi kwakuyintombazane ekhangayo ngempela,

lalingaba yiyo, ukuba nje laligeze ubuso balo futhi labukeka njengomuntu. Kodwa kakhulu lali . . .

53 Manje, uma ezinye zalezizingcweti zamabhayisikobho, noma ndawondawo (angazi ukuthi kuvelaphi), uma ziyokwenza into enjengaleyo, omunye wesifazane nolunye uhlobo lokuthonya, khona-ke lokho kuthonya sonke isizwe ukuzama ukwenza okufanayo. Kunjalo.

54 Nxa abesifazane bakithi abangamaPentecostal avunyelwa ukugunda izinwele zabo, ngoba omunye umfundisi uxegise epulpiti, khona-ke bonke abanye babo bathi, "Awu, umka *S'bani-bani* uyakwenza. Singekwenze na?" Niyabo, kungukuthonya okubeka phezu kwakho, abanye babo.

55 Lelinenekazi elincane kulokhu ukusa beliyinenekazi elincane elihle. Belinomoya omnandi kabi, futhi nje lihlonipheke ngakho konke. Futhi ngenkathi si . . . Lasuka etafuleni, lase lijika. Umkami wabuka ngale kwetafula kimi. Ngase ngithi, "Uyazi, kuyadabukisa nje ukuthi udeveli othize . . . " Futhi angenqeni ukuba ngithi, "udeveli." "Elenze into enjengaleyo, ukuletha abesifazane bakithi abangamaMelika phansi kokuthonya okunje njengalokho kwezimpawana zabahedeni." Ukuthonya! Umuntu othize wakuqala.

56 Kodwa ningahambi neze ngalokho abanye, niyabo, othize walelizwe, angikhathali, elinye izwe, noma—noma omunye umkamfundisi, noma omunye umuntu-mumbe. Ningathonywa neze yibo. Vumelani iBhayibheli linithonye entweni efaneleyo.

57 Futhi lokho akulungile, manje. Bese-ke si—simemeza, futhi sisine, futhi sikhulume ngezilimi. Futhi—futhi inkazimulo kaNkulunkulu, sizisho ukuthi, iphezu kwethu. Bese-ke siphuma siye entweni enjengaleyo na? Kukhona okungalungile.

58 Manje, ngiyakholelwa kulezizinto, lokhu ukumemeza, nokukhuluma ngezilimi, nokusina eMoyeni.

59 Kodwa, mfowethu, uNkulunkulu ubengayibekezelela kanjani into enjengaleyo, abe Ephambene nayo na? Futhi Usho njalo eZwini laKhe. Nabesifazane bakithi sebe semabandleni ethu, okwenziwa nje izikhathi eziningi, ukugqoka, ukuhehwa wucansi. Kuyivelakancane impela ukuthi kuke kukhulunywe ngokumelana nakho epulpiti. Futhi nokho siyamemeza, futhi sihambe sigxuma, futhi sikhulume ngezilimi. Yingalesosizathu ukuthi lomnyakazo omkhulu obizwa ngePentecostal awufinyeleli ndawo, yingoba akukho-buqotho emva kwawo. Uba amadlingozi.

60 Futhi ngoba ngisho lezozinto, abaningi bathi, "Ungozonda abesifazane. Yena, wehlukile e . . . "

61 Akusikho ukuzama ukwehluka. Kungukuzama ukuba qotho. Ngikholwa ukuthi sisosukwini lokugcina. Futhi sinoMlayezo omkhulu, kodwa konke okokumemeza kwethu nokukhuluma

ngezilimi akuzukuba namphumela. Ningakubona phakathi kwethu. Ningabona ukuthi siyakhula ngezibalo, kodwa siyakhula emandleni na? Sisesezinkundleni ezifanayo esasikuzo ngenkathi siqala eminyakeni engamashumi amane edlule. Lapho, besifanele engabe sesivele singale ezweni elithenjisiwe.

62 Ukuthonya! Omunye umkamfundisi waxegisa futhi wenza *lokhu*, nomunye umfundisi waqala *ukuthi-nokuthi*, nabo bonke abanye bavele baqala nje. O, kwangathi thina, njengoUziya lapha, ma—masingavumeli lutho kusithonye kodwa iZwi likaNkulunkulu. LeLo malibe ukuthonywa kwethu. Sizibuyisele thina uqobo ekuKholweni, sibuyele ekuqondiseni komBhalo, akunandaba ukuthi lonke izwe lizokwenzani.

63 Futhi thina bazalwane, abaningi babazalwane abangabenhlangano, okungukuthi, ngempela, yonke inamaqembu amancane, anginalutho olumelene nalokho. Konke lokho kulungile. Kodwa uma sizothola indawo esizwayo, ukuthi, "Elethu yilona kuphela iqembu." Ukuthi, "SinaLo. Omunye umfo akahlanganise lutho ngaLo." Lokho kungukuthonywa ngabaphakeme enhlanganweni, ukuthi, "Sifanele senze inhlangano yethu ukuba ikhule." Sizokwenza uMbuso ukhule. Niyabo? Silapha ukuba sithonye. Futhi asisoze saba ngukuthonya ezweni elingaphandle inqobo nje uma sizama ukubathonyela enhlanganweni ethize, ngoba kade beyilokho singakazalwa. Asithathe isinqumo sokumela uNkulunkulu neZwi laKhe, nenhlanganyelo futhi sithole bonke abazalwane. Masingadwebi umugqa bese sithi, "Uma ungafoli ku*lokhu*." Maselule isandla ngale komugqa, sibe abazalwane.

64 Yingalesosizathu ukuthi ngithengiswe kakhulu kulena lapha iChristian Business Men's Full Gospel Fellowship. Yingalesosizathu ukuthi amaMethodisti namaPresbyterian kanjalonjalo, lapho abefundisi bebengenakubonakala befinyelela ngapheseya lapho, kodwa iBusiness Men bawabhidliza lawomasiko. Bayasiza, benza leyonto. Manje, uma nje singakugcina kushaywa kukhishwe emakhanda abo, ukuhlela; okungukuthi, kubukeka sengathi baqonde ngakuleyondlela. Futhi uma benza, lowo yimi sengiphumile, ngoba ngilapha ukumela lokho okuyiqiniso. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Asikufuni neze lokho. Yileyonto, yona impela . . . Ngifisa ukukhuluma ngokuthi, ngobunye balobu ubusuku, "Samson, yima kuleyondawo efanayo," ngakho ndawondawo ngasemgqeni. Manje, asibhekisise ukuthi ukuthonya kwethu kuyini.

65 Manje siyabona, u-Uziya lapha, wayeyindoda enkulu. Futhi siyathola, ngenxa yokuthi wathatha lezozinqumo zokuma ezesabekayo azenzayo, ukuthi, niyazi, umbuso wakhe wawulandela okaSolomoni. Wasabalala. Ngisho onke amazwe angakhona, ayemthanda, futhi—futhi awubonga umbuso wakhe. Futhi sithola ukuthi, ngisho nasezansi le eGibhithe, ukuthonya

kwakhe kwezwakala. Nalokhu kuyindlela ama ngayo, nalomprofethi osemncane emi lapho phambi kwenkosi, u . . . Kwakungukuthonya okukhulu kuIsaya, ukuthi uNkulunkulu uyombusisa kanjani noma yimuphi umuntu oyoba neqiniso eZwini laKhe, kungakhathaleki ukuthi ezombusazwe zakhe zazama ukumthonyela kukuphi, kungakhathaleki ukuthi noma yini enye yazama ukuba yini. U-Uziya wayenqume ukuhlala neZwi, noNkulunkulu wambusisa. NoIsaya wakubona.

66 Lokho, njengokuvamile, njengeqembu labantu nje, njengesiphawulo nje engisishilo ngeBusiness Men, ngenkathi u-Uziya eqala ukuzizwa ephepha, ukuthi wayesethi nje akabe nayo yonke into embusweni uNkulunkulu ayenayo ngaye, wazikhukhumeza enhliziyweni yakhe.

67 Manje, yilokho okwenzeka emahlelweni ethu yonke iminyaka. Uma sebezwa ukuthi sebebakhulu ngokwenele ukuba bathi, "Manje, siyi*lokho*," khona-ke bayazikhukhumeza, futhi yingaleyonkathi uNkulunkulu ebashiya khona. Futhi uma iBusiness Men ifika kuleyondawana, lapho esine . . . Njengoba uMfowethu Williams ethe, "Ishumi nanhlanu." Kodwa uNkulunkulu angenza okuningi ngaphezulu ngeshumi nanhlanu esandleni sakhe kunoma Ubengenza ngamakhulu ayishumi nanhlanu esandleni sakhe. Niyabo? Kodwa siyawathokozela amakhulu ayishumi nanhlanu esandleni saKhe esikhundleni seshumi nanhlanu esandleni saKhe, uma bonke bezohlala esandleni saKhe. Leyo yinto enkulu, ukuthonywa, hhayi ngokuthi siyizibalo ezinkulu kangakanani, kodwa ngalokho uNkulunkulu omkhulu esimmeleyo, nohlobo lokuPhila okukithi ngaYe, lokho kuzothonya abanye.

68 UJesu wathi, "Nina ningusawoti womhlaba. Kepha uma usawoti edumele, akasasizi lutho; ulahlwa ngaphandle, anyathelwe ngabantu." Sifanele singakukhohlwa neze lokho. Singusawoti. Kodwa uma ubusawoti bawo budumele, lokho ngukuthi, amandla awo—awo okuthintana. Nosawoti ungasebenza kuphela uma uthintana. Futhi uma ulahlekelwa ngamandla awo okuthintana, khona-ke awusesiwo usawoti, kodwa uyisihlabathi. Uzokwenziwa imihambo.

69 Futhi uma silahlekelwa ngukuthonya kwethu njengobaba, njengomama, njengomKristu, njengosomabhizinisi, njengomfundisi, uma silahlekelwa ngukuthonya kwethu nabantu! Manje, singathandwa kakhulu ngabantu emgqeni wezwe, futhi sihambisane nezwe; kodwa ngiqonde ukuthi, njengalokho esikumele, simele uKristu. Uma silahlekelwa ngukuthonya kwethu njengalokho, njengokuma phandle . . . Singahlanganisa kanjani phakathi phaqa nosuku lapho uNkulunkulu emelene kakhulu nosuku na?

70 Wayengasho kanjani uMikhaya ukuthi, "Qhubeka wenyuke futhi uphumelele. Umbono wami uhambisana nowakho ngqo,"

ngesikhathi esazi ukuthi uNkulunkulu wayebaqalekisile labobantu ababi na? Umbono wakhe wawufanele uphikisane.

71 Nombono womuntu namhlanje, obungahambisana nenkambo yezwe futhi abe esalokhu ehlezi engumfundisi, kukhona okungalungile ngombono womuntu. Niyazi ukuthi uNkulunkulu wathini ngalelibandla laseLawodikeya elicebile; laMbeka ngaphandle. Singeke sama nenkolelo yokuthandwa ngabantu nevoti losuku. Sifanele simelane naleyonto. Manje, ngakho ku . . .

72 Lenkosi yahambisana kahle yaze yathola ukuthi zonke izizwe zaziyesaba. Iba ngethandwa kabanzi ngabantu. Umbuso wayo wadlondlobala. Futhi yazikhukhumeza enhliziyweni yayo, ngokuzidla. "Niyabo, nje si . . . Sengiyindoda enkulu nje manje." Futhi yileyondlela yokuphuma.

73 Indlela eya phezulu iphansi. Wazi kanjani ukuthi yiliphi iphezulu noma iphansi na? Isizathu, uma izwe limi emkhathini, wazi kanjani ukuthi yiliphi iphezulu noma iphansi na? Ngakho, njalo, "Ozithobayo, uNkulunkulu uyomphakamisa. Oziphakamisayo, uNkulunkulu uyakumthobisa." Uyomehlisa. Njalo yiba ulokhu uzithobile, futhi ube mncane ekuboneni kwakho uqobo. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu ukwenzelani, bona nje ukuthi ungaba ngozithobe kakhulu kangakanani, ngaso sonke isikhathi. Lapho uNkulunkulu ekubusisa kakhulu, yiba ulokhu nje uzithoba kakhulu, ngaso sonke isikhathi. Angaqhubeka ebusisa.

74 Kodwa uma usufika endaweni, uyacabanga, "Nginakho," awunakho. Ususendleleni yakho yokuphuma. Kunjalo. Uyabo? Ulahlekelwa ukuthonya kwakho. Ulahlekelwa a—amandla akho obufakazi bakho.

75 Uma nina besifazane niqala ukufuna ukufana nabo bonke abanye besifazane, kukhona okungalungile. Uma nina besilisa, nina befundisi, bazama ukuba babe njengephethini emva komunye umuntu othize, uma nina bosomabhizinisi nizama ukwenza ibhizinisi ngesikali omunye umuntu obezolenzela phezu kwaso, ngoba bayaphumelela. Impumelelo ayimele njalo impumelelo kuKristu, ngezinye izikhathi ikokuphambene kakhulu impela. Niyabo?

76 Manje, ukuzidla. Wazikhukhumeza, futhi wacabanga, "Sengingumfo omkhulu kangaka pho!" Kakhulu kangaka, wazikhukhumeza, waze wazama ukuthatha indawo yomfundisi. Uya ethempelini, okwakuthatha, wacosha isitsha somlilo sokuthunqisela impepho, wayesenyukela ealtare lempepho. Manje, lokho kwakungamadoda ahlukaniselwe kuphela ayengenza lokho.

77 Manje, njengoba ngishilo ngaphambili, kanjalo ngiyasho futhi. Osomabhizinisi abasibo abashumayeli. Thina bashumayeli sinesikhathi esenele ukuzama ukugcina Lento

iqondile, kungasaphathwa osomabhizinisi. Nina nonke ningosomabhizinisi, hhayi abefundisi. Futhi ningathathi indawo yoyedwa, noma nizame ukuyithatha, ngoba anibizelwe okunjalo. Uma nifuna umuntu othize akhulume ezingqungqutheleni zenu, tholani umshumayeli, umuntu othize obizelwe ukwenzenjalo. Ngoba, niyabona ukuthi mzabalazo muni thina befundisi onawo. Futhi ngakho niyabona ukuthi nenzani.

78 NoUziya lapha, wazama uku—ukuthatha indawo yompristi. Wacabanga, "Awu, uNkulunkulu ungibusisile. Ngingekwenze ngani na?"

79 Ungalokothi ufake lokho ekhanda lakho. UNkulunkulu uyabiza, futhi amisele ngaphambili, futhi azi phakade, enkazimulweni yaKhe. Lutho . . .

80 Niyakhumbula eBhayibhelini, ngenkathi uMose ekhipha uIsrayeli eGibhithe, ngapheshey a, edlula, eya ezweni elithenjisiwe na? Niyamkhumbula oyedwa phakathi lapho, uDathani nalabo abazikhukhumeza, futhi bathi, "Manje, ake ume kancane! Mose, uzama ukuba nguwe wedwa osekushayeni. Akhona amanye amadoda angcwele phakathi kwalapha"?

81 NoNkulunkulu wathi, "Zehlukanise, ngoba Ngizobabhubhisa."

82 UNkulunkulu wayemise into ethize ukuba yenziwe, futhi ifanele yenziwe ngaleyondlela. Asifanele ukuba sijovele eyethu imibono. Sifanele sihloniphe umbono waKhe nomyalo waKhe.

83 Manje, singabhekiseli emuva kodadewethu, kodwa e . . . Akunandaba ukuthi omunye wesifazane wenzani, uNkulunkulu unephethini lakho lendlalwe *Lapha*. Akunandaba ukuthi omunye umuntu nje othize wenzeni eBhayibhelini, uNkulunkulu unephethini lakho lapha, ukuthi yenzani. Sizofika kukho, emva kwesikhashana, mhlampe, ukuthi umuntu nje uzokwenzani, nomfundisi. Sonke sinezindawo zethu, futhi sifanele sihlale obizweni lwethu.

84 Manje sithola ukuthi lomuntu wazikhukhumeza. Ngakho wathatha isitsha sokuthunqisela impepho wayesephumela ealtare, okwakuvunyelwe kuphela, nguNkulunkulu, emadodeni ehlukaniselwe lesosikhundla. Wazama ukuthatha indawo yomfundisi.

85 Futhi manje-ke umfundisi wazama ukumqondisa. Sithola ukuthi abapristi abangamashumi ayisishiyagalombili, ngaphandle kompristi omkhulu, uza emva kwakhe futhi wamtshela. "Mnumzane," ngamany'amazwi, kanje, "UNkulunkulu ukubusisile. Uyindoda ehlonishwayo. Uyindoda enkulu. NoNkulunkulu ukubusisile emsebenzini wakho. Kodwa awu—wufanele wenze lokho. Uyachezuka endleleni evuthiweyo."

86 O, bengingazisho kanjani ezinye izinto lapha! Yebo. "Uchezuka endleleni evuthiweyo." Kodwa i. . .Ngokuthi into ingendlela eyiyo, asizame ukonga esingakuthola. Niyabo?

87 Wathi, "Uchezukile emzileni, ngokuba iZwi likaNkulunkulu lithi *ukuthi-nokuthi*. Yisizukulwane sika-Aroni kuphela esiyokwenza lokhu. Lokho ngokuka-Aroni, futhi yena yedwa, nabantwana bakhe. Ngakho, nkosi, siyakuhlonipha. Siyakuhlonipha. Uyindoda enkulu. Kodwa ungazami ukwenza lokho."

88 Futhi ngabe yayithobile na? Qhabo, mnumzane. Yacabanga, "UNkulunkulu ungibusisile, ngakho nje ngizovele ngenze engifuna ukukwenza."

89 Manje bhekisisani, bazalwane bami. Qaphelani lapho. Ngoba, akunandaba ukuthi uNkulunkulu ukugcwalise kakhulu kangakanani ngoMoya waKhe, nokuthi kuningi kangakanani okwenzile, nokuthi ubusiswe kahle kanjani, hlala nobizo lukaNkulunkulu. Ungachezukeli emasikweni athize, nezinqubo zezinhlangano, kanjalonjalo. Kungcono ubuyele endleleni, kungcono ubuyele kulokho uNkulunkulu akubeke phansi ekuqaleni.

90 Manje, ngakho sithola ukuthi lendoda, ngenkathi iqondiswa, esikhundleni sokuthi izithobe futhi ivuma ukuthi iZwi laliqinisile, noNkulunkulu wayeqinisile, iyathukuthela. Ngamany'amazwi, yayilungele ukuyikhahlela iyikhiphe enhlanganweni yayo. Yayi—yacasuka kakhulu ngakho, yasambatheka kakhulu. Futhi, o, yathukuthela, futhi uma kungukujika bese ithi, "Manje, awume kancane nje. Uyaqonda ukuthi ngingubani na?"

91 Manje, uma uqondiswa yiZwi likaNkulunkulu, ufanele uthobele iZwi. Futhi yathi yayizokwenza njengoba ithanda. Yayiyinhloko yento, ngakho i. . .yayizokwenza nje njengoba yayifuna ukwenza. Futhi niyazi ukuthi kwenzekani na? Yashaywa ngochoko. Futhi ngenkathi ukuthukuthela kwayo, ukudlanga kwakuphezu kwayo, umpristi wabona uchoko ebusweni bayo.

92 Manje, wena uthi, "Awu, uchaza ukuthini na?" *Uchoko* lumele, yi—yisifanekiso, njalo, "sesono." Futhi uma indoda ingayikukumela ukuqondiswa ngeZwi likaNkulunkulu, igcwele uchoko, iyafutheka futhi iyaqhubeka. Yini ekwenzayo na? Wenzani na? Wona ukuthonya kwakho. Niyabo? Kwenzeka into ethize. Abantu uyazi futhi angasho, iZwi oqondiswa ngalo, ukuthi awuzukukwenza. Ngakho-ke wona ukuthonya kwakho.

93 Futhi kulimaza lomfo. Intukuthelo yamthola. Futhi esesentukuthelweni yakhe, uchoko lwalusebusweni bakhe. Futhi sithola ukuthi u. . .Akusikho kuphela ukuthi wawisa isitsha sokuthunqisela impepho, kodwa wabaleka esuka endlini kaNkulunkulu, ukuba angaphinde neze akwazi

ukubuya. Ngoba, akunandaba ukuthi wayemkhulu kangakanani nokuthi wayenokuthonya okuningi kangakanani, u... Ngenkathi eqondiswa, khona-ke wala ukuthatha ukuqondiswa kwakhe, ngoba ukuma kwakhe kwenhlaliswano kwase kube kukhulu ngokwedlulele kuye kuneZwi likaNkulunkulu elalibe yikho. Ngiqinisekile ukuthi niyaqonda ukuthi ngiqondephi. Niyabo? Kuba kukhulu ngokwedlulele kuye. Isikhundla sakhe njengenkosi siba sikhulu ngokwedlulele kuye kuneZwi likaNkulunkulu.

94 Nxa lenhlangano yeBusiness Men ifika kuleyondawo, uma umfundisi wenhlangano yakhe efika kuleyondawo, khona-ke usephelile. "Ungaquleki uma ukhuzwa." Uma ufunda into ethize emBhalweni, futhi wazi ukuthi ufanele uzithobe futhi ulandele iZwi likaNkulunkulu, endleleni Akumisela yona ukuba uhambe kuyo, khona-ke ungakwenzi, khona-ke, into yokuqala uyazi, sekuphelile. Ukuthonya kwakho kuyonakala. Manje, sifanele sikukhumbule lokho.

95 Nalomprofethi osemncane, isifundo esinje pho lokho okwakuyiso kuye! Khona-ke ngenkathi esebone lenkosi, ngayo impela lento, uIsaya wafunda esinye sezifundo zakhe ezinkulu kunazo zonke. Ukuthi, akunandaba ukuthi umuntu angabamkhulu kangakanani, angaba nokuthonya okukhulu kangakanani, kodwa uma ehluleka ukuhamba ekuKhanyeni, uma ehluleka ukulalela uNkulunkulu, khona-ke ukuthonya kwakhe kuyonakala, futhi usesusiwe ensimini.

96 Enye into uIsaya ayifundayo: wafunda, ngalokhu, ukuthi uNkulunkulu uyalela umuntu wakhe endaweni yakhe. Hhayi wena uzibeka wena uqobo kuleyondawo, kodwa uNkulunkulu ubeka umuntu waKhe endaweni. Sifanele sikuqonde lokho.

97 Bengihlala njalo ngisebenzisa lokhu. Ngiyakuthanda ukuzingela, njengoba nazi. Enhla eNyankatho, uma—uma ubusika buqala ukungena. Amadada amancane lizalelwa enhla lapho, esizibeni. Futhi lithi nje lelohelehele lokuqala lomoya obandayo lingaba seziqongweni zezintaba, nezilephu ezimbalwa zokukhithika kweqhwa...Manje, lelodada elincane lazalwa eNtwasahlobo, enhla kulelochibikazi, futhi lalingakaze lisuke echibikazini. Alazi lutho nganoma yini enye kodwa lelochibikazi. Kodwa ngokuqiniseke impela nje njengokuvunguza kwalelohelehele, futhi lizwa lelohelehele livunguza, ligijimela phandle ngqo phakathi kwalelo, libhukude phandle lapho, futhi liphakamisele ikhadlana lalo emoyeni, bese likhala izikhathi ezimbalwa. Futhi lonke idada esizibeni ayoza kulo ngqo. Futhi liyophakama, nalokho kuzibonela ngokwemvelo okukulo, lazi ukuthi masinya leso siziba sizoba yiqeqeba lamakhaza, noma ichibikazi. Futhi liyohamba nje liqonde ngqo eLouisiana ngawo onke amandla alo. Liyohamba.

98 Ngani na? Kukhona okuthize okukulo. Ngukuzibonela ngokwemvelo elikuphiwe nguNkulunkulu, futhi liyakusebenzisa. Kuyaliqondisa. Manje, kwenzani na? Uma ke liye e. . . Uma lokho kuzibonela ngokwemvelo kuliholele laqhubekela enyakatho, khona-ke belizokwazi ukuthi bekukhona okungalungile. Nalawomadada abengeke alilandele, ngoba lihamba ngokuphambene nendlela yanjalonjalo.

99 Futhi uma sifika thina uqobo endaweni esizama ngayo ukuhola abantu ngokuphambene, bathi, "Awu, thina, amaMethodisti, inakho. Thina, amaBaptisti, inakho." Lokho akusikho.

100 UNkulunkulu unakho. Niyabo? Kunjalo. "Futhi ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." NoLizwi usalokhu enguNkulunkulu. Ngakho nguNkulunkulu onakho. Ngakho masihole ngaleyondlela, sehlele endleleni evuthiwe, futhi singazami ukuhola ngenye indlela ethize.

101 Futhi manje-ke sithola ukuthi lelidada elincane, ngokuthi lali. . . Akukho nalinye lamadada amanye elalibonakala linanoma yini, noma yini kodwa u "amen." Ngoba, kunokuthize ngalowomfo omncane ababekwazi, indlela, lokho kukhala, lelocilongo elalifuthayo. A—ayazi ukuthi lalineqiniso.

102 Futhi kunokuthize ngeVangeli, namandla okuvuka kukaJesu Kristu. UPawulu wathi, "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ubani oyokwazi ukuthi azilungiselele kanjani impi na?" Manje, kodwa uma iVangeli likhala, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," futhi siyalibhekisisa futhi sibone ukuthi liyiQiniso, futhi likanye neZwi, yileyonto ethonya idada langempela.

103 Manje, kunamanye esizibeni, njengezimpangele zasemanzini kanjalonjalo. Zinenye indlela; izikhukhukazi zasodakeni nakho konke okunjalo; kodwa zihlala ngendlela okungeyazo. Kodwa idada langempela liyaqhubeka. UNkulunkulu wabeka lelodada elincane lapho futhi ulinika lokho, ngoba uNkulunkulu walibeka ukuba libe yilokho.

104 Futhi manje, "UNkulunkulu umisile, eBandleni. . ." "UNkulunkulu," hhayi inhlangano, hhayi inzuzo ngempumelelo yomuntu, ukwenza ababhishobhi nokunye nokunye, amagosa. Kodwa, "UNkulunkulu umisile, eBandleni, kuqala abaphostoli," lokho yizithunywa zenkolo, "okwesibili abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli." UNkulunkulu ubamisile eBandleni, futhi onke amacilongo ayofutha ngokufanayo, iVangeli elifanayo. Niyabo? Uma engumprofethi, ufutha icilongo lomprofethi. Usho ngaphambili izinto ezayo, futhi ushaya ngasosonke isikhathi.

105 Manje, intombazanyana ifika kimi ngoluny'usuku. Ingahle ukuba ihlezi ikhona manje. Futhi yathi, "Mfowethu Branham, ngakunika iphupho. Futhi kuleliphupho nga—nganginento

ethize. Ngi—ngifuna ungitshele.” Ngahlala phansi. Manje, uma ekhona phandle, phakathi lapha, ngaphandle kwamazinga amaPentecostal, ake ngizixolisele kini, umzuzwana.

Yayisithi, “Awukaze ungitshele iphupho lami.”

106 Ngathi, “S’thandwa, hlala phansi umzuzu nje.” Ngase ngithi, “Uyihlo nonyoko bangabangani bami abahle kakhulu, abalimi asebethathe umhlalaphansi abavela kude, ukuzogogobala nathi.” Ngase ngithi, “Ba—bayangikholwa, njengenceku kaKristu. Wena ungumntwana nje othi akabe neminyaka eyishumi nambili ubudala.” Ngicabanga ukuthi ifunda noBecky wami.

107 Ngase ngithi, “Buka, uzohlangana nenqwaba yezinto phandle lapha, s’thandwa, egameni lobuKristu.” Ngathi, “Uma uthola umuntu onayo yonke incazo, ka*njena* nje, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] onakho konke... [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe futhi.] ka*njalo* nje, ngeGama leNkosi,” ngathi, “uqaphele ngalokho. Lokho kuphambene nomBhalo.”

108 UJesu wathi kwakukhona abanochoko abaningi ngezinsuku zikaElija, kodwa munye kuphela owathunyelwa kuye. Munye. Abafelokazi abaningi ngezinsuku zikaElisha, kodwa munye kuphela athunyelwa kuye. Izinto eziningi uJesu angazenzanga, izikhathi eziningi.

109 Lawo somaqhinga elinazo zonke izimpendulo, qaphela. Uma umuntu othize esukuma futhi akhulume eGameni leNkosi, lokho kufanele kube yiqiniso. Kufanele kube yiqiniso impela.

110 Ungahle, emqondweni wakho, uhlabeke umxhwele. Ngathi, “Manje, s’thandwa, ngikholwa ukuthi bengingakutshela ukuthi ngicabanga ukuthi iphupho lakho liyini. Kodwa ukukutshela, eGameni leNkosi, qhabo, mnumzane.”

111 Isizathu, iyazazi izinto. Ngathi, “Sengake ngakhuluma yini kuwe eGameni leNkosi akwangenzeka na?” Ngathi, “Izinkulungwane ifikile, futhi zasho *lokhu*, *lokho*.” Ngathi, “Ngingeke ngakutshela ukuthi iphupho lakho liyini ngize ngiphinde ngilibone futhi, bese-ke Engitshela, khona-ke ngingathi, ‘INkosi ingitshelile.’ Kuze kube yileyonkathi, angazi. Angifuni ukuthatha ukuthonya okungokwami nombono ongowami. Ngeke ngathi ISHO KANJE INKOSI, ngoba lowo yimi okucabangayo; lokho kungokuhle ukwedlula konke, embonweni wami.”

112 Sifanele sibe qotho, ngoba sinento enkulu kunazo zonke ezweni. Igugu elikhulu kunawo onke laseZulwini nguKristu phakathi kwethu. Sisifunelani isibambiso sokuthonya okuncane okuthize, ukuzama ukuba sizenze umuntu othize omkhulu phakathi komuntu othize lapha na? Kungani kungabi yinceku ethobile kuKristu na?

113 Ngase ngithi, "Yingalesosizathu ngingakutshela ngeBhayibheli." Ngathi, "Uma bengikutshele ukuthi besizoya nje eArizona . . . Ngicabanga ukuthi uyihlo nonyoko uyahambisana, engqungqutheleni yeBusiness Men."

Yathi, "Banjalo."

114 Ngathi, "Ukuba-ke bengikutshelile, ubusuku bokuqala, 'Ngakutshela manje, eGameni leNkosi, ukuthi kuzoba nowesifazane ongenayo, ekhubazekile, futhi uzoba nga*le*ndlela,' njengoba ukuzwile kushiwo na? 'Bese kuthi-ke lowo wesifazane, obekhubazekile iminyaka engaka, masinya emva komkhuleko uzosukuma futhi asuke ahambe.'"

115 Ngathi, "Ukuba-ke bengingakutshela-ke, 'Maphakathi nomhlangano, inenekazi belinengane enekhanda elinamanzi, futhi sathi nje singakhuleka, ikhanda lengane bese lihamba ngokwejwayelekile'? Lokho, 'Ekupheleni komhlangano, kuzoba namadoda amane ethwele indoda efile ebisife izinsuku *ezingaka*.' Bebeyilethile. 'Bebefake amasudu amnyama,' futhi ngiwachaze. Futhi kuthi nje ngingacela uBaba wethu waseZulwini, umoya wayo ubuyele kuyo." Ngase ngithi, "Okungukuthi, uyazi, kwenzekile."

116 Manje, ngathi, "Bese-ke ngithi, 'Umfowenu omncane,' ungumntwanyana omncane oneminyaka emihlanu ubudala. Futhi ngithi, "Uma-ke ebulawa emgwaqeni na? 'Futhi uzobulawa, futhi uzomletha kimi. Futhi ngizobe ngimi ngase—sesitebhisini somnyango, lapho okunendoda efake isudu ekhanyayo. Ngizobe ngikhuluma kuyo. Nomfowenu omncane uzosindiswa.'"

117 Manje ngathi, "Manje-ke uma lokho kwenzekile, ukuba-ke uphumele lapho-ke, nalowo wesifazane, enesifo samathambo kumbe noma bekuyini, owesifazane ofe uhlangothi, ubengekho lapho na? Ukuba-ke ingane enakhanda elinamanzi ibingekho lapho na? Khona-ke ubuzoxoveka konke engqondweni yakho. Awazi. Futhi ngakhuluma kuwe futhi ngakutshela, 'ISHO KANJE INKOSI.'" Ngathi, "Khona-ke ukuthonya kwami kulahlekile. Ungahle ungidinge ngesinye isikhathi, kabi kabi."

118 Ngathi, "Kodwa uma-ke owesifazane elapho na? Uma-ke ingane enekhanda elinamanzi iphiliswa na? Uma-ke indoda ivuswa kwabafileyo na? Khona-ke, umfowenu omncane abulawe, ubungeke ngisho ukhale. Ubuzothi, 'Babayi, mangibe naye. Ngizokukhombisa inkazimulo kaNkulunkulu.' Ngani na? Bekuqinisile, *lapha*. Bekuqinisile, lapho. Bekuqinisile, *lapho*. Bekuqinisile, *lapho*. Ngaso sonke isikhathi, kuqinisile, khona-ke uyazi ukuthi kuqinisile." Ngathi, "Yingalesosizathu sifuna ukukholwa iZwi likaNkulunkulu."

119 Ensimini yaseEdeni, kwakhulunywa ngoMesiya ozayo, abe nguMsindisi. Abaprofethi bakubona ngaphambili. Wafika ngayo nje impela indlela iBhayibheli elasho ngayo.

120 UNebukadinezari waphupha iphupho, noDanyeli walichaza, yena, lemibuso yabaZizwe, ngokuphelele, ngaso sonke isikhathi.

121 Futhi yonke into iBhayibheli elike lakhuluma ngayo, iBhayibheli liyisho *lapha*; umlando uthi kwenzeka. IBhayibheli lasho *lapha*, umlando uthi kwenzeka.

122 Manje, sisesikhathini soHlwitho. Kuzokwenzeka. Ngoba bekuphelele, zonke ezinye izikhathi, kuzophelela ngalesisikhathi. UNkulunkulu ubizela ngaphandle abantu, niyabo, futhi sekuyisikhathi. Sifanele sibe qotho.

123 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . iNkosi. Manje, unento ethize, kodwa qaphela ngayo. Uyokona ukuthonya kwakho uma leyonto ingafezeki. Niyazi ukuthi ngichaza ukuthini? [Ibandla lithi, "Amen."] "O," wena uthi, "ngingowe . . . " Angikhathali ukuthi ungowakuphi, mfowethu, dadewethu. Kuzofanele kwenzeke impela ngendlela okusho ngayo. Uma kungenjalo, uzenze wena kuphela inhlekisa. Ulethe kuphela ihlazo phezu kwakho uqobo, wona ukuthonya kwakho, futhi wona ubufakazi bukaJesu Kristu obuthweleyo. Qaphela. Manje, imfundiso yakho phezu kwalezozinto konke kulungile. Kodwa kuhamba ngesithembiso naphansi kwezimo, ngakho qaphela ngokuthonya kwakho. Lapha, uNkulunkulu . . .

124 Ngeziny'izikhathi sithola ukuthi omunye wakhuluma ngezilimi. Omunye ufuna ukumlingisa; uyokhuluma ngezilimi, naye. Omunye ubona omunye enikeza incazo; omunye uthi, "Nginayo, nami." Futhi uhamba ngokucabangela, bese-ke uthi, "ISHO KANJE INKOSI." Awu, yiphutha lelo. Futhi uNkulunkulu akasoze esakuqhubela phambili, oyikho khona manje, inhlangano nje, uze uphume kulokho.

125 Manje, ningahle ningangithandi manje. Kodwa ngoSuku lokwaHlulelwa, niyongithanda. Niyabo?

126 Qinisekani. Ningakusho ngaphandle uma uNkulunkulu esho njalo, futhi niyazi ukuthi lokho kuyiqiniso, ukuthi uNkulunkulu washo njalo. Hhayi umbono wakho, kodwa hhayi ukucabangela okuthize; ngoba, ungaba nokucabangela noma ngayiphi indlela.

127 Labobaprofethi ezansi lapho, ngenkathi uJehoshafati no—noAhabi behlezi emasangweni, lawo madoda ayeqotho, futhi ayenogqozi. Kodwa, niyabo, ugqozi lwawo aluhambisananga nesithembiso seBhayibheli. Isizathu, umprofethi uIsaya . . . Ngiyaxolisa. Umprofethi owaprofetha phambi kwawo, uElisha, uElija, futhi baqalekisa uAhabi noJezebele, futhi basho ukuthi kuyokwenzekani kubo. Ngakho sasingaba kanjani lesisibusiso kulokho uNkulunkulu ayekuqalekisile na?

128 Futhi isibusiso singaba kanjani phezu kwabantu owenza futhi eziphatha ngendlela uNkulunkulu athi ayingenziwa na? "Noma sisina eMoyeni, noma sikhuluma ngezilimi njengabantu nezingelosi, futhi singenalo uthando, kuba njengethusi elikhencezayo noma insimbi encencethayo."

129 Manje, nineQiniso, kodwa nifanele nize kulo ngokuhlukile kunokuba nje ne—nenjabulo enkulu ekhahlabezayo, niyazi ngiqonde ukuthini, into ethize nje ukuba kumpongolozwe ngayo. Futhi ngiyakholelwa ekumpongolozeni ngayo, inento ethize yokumpongolozelwa. Qinisekani ukuthi nisondela kulokho ngazo impela izinjulo zobuqotho. Uma niphila impilo ehlukile kunaleyo enifanele niyiphile, qhubekani nithule nize nithole lokho kuPhila; kuthole ukuphila kini, khona-ke, ngokuzenzekelayo.

130 Niyazi, imvu ayicelwa ukuba ikhiqize uvolo. Qhabo. Ingeke yawukhiqiza. Leziziphiwo ngeke zakhiqizwa amadlingozi. LeliBandla lingeke lakhiqizwa yinhlangano. Imvu iveza uvolo ngoba iyimvu. Akukho engakwenza ngaphandle kokuveza uvolo, ngokuba yonke inqubo yayo yenzelwe ukuba iveze uvolo. Sifanele sibe yilokho esiyikho ngaphakathi, hhayi into ethize ngaphandle.

131 Singazi kanjani ukuthi yikuphi okuqinisile, bese-ke sikhuluma into ephambene na? Akashongo yini uJesu, “Nina bazenzisi! Ningazisho kanjani izinto ezinhle, kanti, ngokuchichima kwenhliziyo, umlomo ukhuluma?” Niyabo? Sifanele siqiniseke ukuthi uma sikhuluma lezizinto, ukuthi ziqinisile.

132 Manje, ukusheshisa. Futhi ngifanele ngisheshise, ngoba ngiqagele ngileyithi kakhulu manje. Ningangibekezelela ngelule ngomzuzu nje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yebo.

133 UIsaya wafunda khona lapha. Akunandaba ukuthi inhlangano yayinkulu kanganani, ukuthi indoda yayinkulu kangakanani, nakuba uNkulunkulu wayeyinike izinkulungwane nezigidi zamadola alonyaka esiphila kuyo, lokho kwakungasho nokukodwa phambi kukaNkulunkulu. IZwi laKhe lali . . .

134 IZwi laKhe liyisigcino saKhe, nalokho kuyakuxazulula. Ufanele ugcine iZwi laKhe. Uzithobe, ngaLo.

135 Qaphelani. Manje-ke sithola ukuthi wenze into ethize ephambene neZwi, futhi waqalekiswa ngayo, akunandaba ukuthi wayemkhulu kangakanani.

136 Wayemkhulu kangakanani uDavide, umuntu wenhliziyo kaNkulunkulu uqobo, nokho wadeda eZwini, “Ungaphingi.”

137 Kodwa uDavide wazikhukhumeza. Wacabanga, “Awu, uNkulunkulu akakunaki lokhu.” UNkulunkulu unaka yonke imicabango ocabanga ngayo. Imicabango yakho mayibe ngeshaya khona impela. Kwakuyini indaba na? Manje, yingenxa yokuthi wakukhohlwa. Wakho- . . . Wadeda kukho. Akazange akukhohlwe, ngoba watshelwa kangcono.

138 Manje, uNkulunkulu ubeka umuntu wakhe endaweni, futhi akazukuyemukela enye. Akekho ongathatha indawo yomunye umuntu.

139 UMfowethu Green lapha, emizuzwaneni emibalwa edlule, lowo mculo. Ngi—ngi. . . Kade ngagcina ukuzwa uMfowethu Green, futhi ngempela kuxhuxhumise inhliziyo yami, indoda elungileyo.

140 Kodwa bengifunda, ngezinsuku zikaNkk. McPherson, ngenkathi ngibone ezinye izinto ezaziqhubeka. UNkk. McPherson wayengo—wayengowesifazane onokuthonya, kodwa ngaqaphela ukuthi wonke umfundisi oyinenekazi wayephatha iBhayibheli lakhe ngendlela nje kaNkk. McPherson. O, he!

141 Futhi si—sithola into efanayo, kunezinkulungwane eziyishumi zikaBilly Graham namhlanje. Nake nabaqaphela yini, bazama ukukhuluma nje njengaye na?

142 Yiba yilokhu oyikho. Hlala uyilokhu oyikho. Ungeke waba nguBilly Graham, noBilly Graham angeke aba nguwe. Indawo yakho isemqoka impela nje njengoBilly Graham. Uma usebenzela ukuthandwa ngabantu bezwe, ungazama ukuzifanisa nomunye umuntu; awuzukufinyelela ndawo eMbusweni kaNkulunkulu. "Ngingaqoka ukuba udomede endlini kaNkulunkulu." Hlala nalokho oyikho, lokho uNkulunkulu akwenze khona. O! Besingasho kanjani . . .

143 Isizathu benza lokho, yingoba abanakho ukuzizwela ukuthi uNkulunkulu uyabhekisisa. Niyabo? Ulahlekelwa yiwo impela umcabango kaNkulunkulu elapho, ekulalele. UNkulunkulu uqobela phansi yonke into ocabanga ngayo. Futhi Uyayazi, encwadini yaKhe yokuqopha. Imicabango yakho izwakala kakhulu eZulwini kunoma linjalo iphimbo lakho emhlabeni. Cabanga into efanele.

144 Njengoba ngasho kuJoseph omncane, ngathi, "U—umfana omncane uzalwa kulelizwe, uma maphakathi ngqo nomgwaqo, futhi ukhonjwa eKalvari, kuKristu. Kunesihlahla ngapha nangapha komgwaqo. Esinye ngakwesokunxele, engizosibiza ngokuthi 'ngokungalungile,' uma eqala nje ukushaya ngempama abafana abancane ebusweni ngoba bamshaye ngempama. Futhi uma beqala ukwenza lezizinto, kudonsa lowo mfana omncane, ngokuthonya, futhi kumenza abe yizigwegwe. Kodwa uma ethatha leli elinye icala lomgwaqo, okunguMoya oNgcwele, Umkhomba ngqo eKalvari, futhi umgcina ngaleyondlela. Kukwenza ukhule uqonde. Imicabango yakho, kulula nje impela ukucabanga imicabango emihle njengoba kunjalo ukucabanga okubi. Kulula nje impela ukucabanga okuhle ngalabo abakhuluma kabi ngawe, njengoba kunjalo ngokuphambene nakho. Futhi, inqwaba kangcono, iyokwenza ukhule uqonde." Niyabo? Hlala uqonde noNkulunkulu.

Manje, ukusheshisa.

145 Umbono ethempelini, wabona uNkulunkulu phezu kwesihlalo saKhe sobukhosi, siphakeme. O, qaphelani *iSerafi* laseZulwini, okuchaza "abashisi," uMuntu oqanjelwe

okukhethekile. Ngenkathi lo Isaya ehlela ethempelini, wayekade encike ehlombe lika—likaUziya, futhi nomaphi lapho inkosi yayiya khona. U . . . Kodwa wathola ukuthi, ngenkathi inkosi, akunandaba ukuthi wayekade ethonywe kanjani, ngokuthonya ayekade eyikho kuyo, nezinto ezenzile, lokho kwakukukhulu, wathola ukuthi, ngenkathi izama ukuthatha indawo yomunye, yehluleka.

146 Sinokuningi kakhulu namhlanje, okokuzifanisa nabanye abantu kwenyama. Kwenzani na? Ake—ake ngithathe . . .

147 [Abazalwane bathi, "Konke kulungile. Kulungile. Qhubeka nakho, mfowethu."—Umhl.] Ngiqhubeke? Kulungile. Ngiyabonga.

148 Qhaphelani, namhlanje, uNkulunkulu uthumela into ethize emhlabeni. Futhi uma senza, kwenzekani na? Wonke umuntu uzofana.

149 Kungekudala benyusa umfana omncane oyiPentecostal, ogama linguDavid Walker omncane. Nalowomfana omncane wayengumshumayeli. Ngike ngabezwa abafana abancane bethi, "Ingane encane uJesu, ezalelwa eman- . . . Mama, kwakuyini lokho okulandelayo na?" Niyabo? Kodwa hhayi lowomfana omncane. Ngaya ukuyomuzwa. Watshinga ibhantshi lakhe, wayesethatha indikimba, wase eyiphathisa okomfundisi wasesontweni. Kodwa, ngikholwa ukuthi wayengoweqembu likamunye.

150 Awu, manje, iqembu likamthathu emunye alizukuma—kukusukumela lokho. Ngizonitshela lokho. Ngakho base bebatholela uDavid omncane. Futhi ngenkathi umfana omncane ehlela eFlorida, wabiza mina ukuba ngehlele lapho futhi ngimsize. Ngase ngithatha ikhasi elingaphambili lephepha, futhi babefanele babeke isigaba esengeziwe kukho benzela oDavid abancane: umfana omncane, amantombazane amancane, abancanyanyana abaneminyaka emithathu ubudala, iminyaka emibili ubudala, wonke umuntu ezama ukubamba iqembu labo elincane lihlangane. Kubonakala kimi kungathi kuba yithikithi lokudla lePentecostal.

151 Uma bonke labobafowethu babezungeze lowomfana omncane futhi bamgcina, bakhuleka phezu kwakhe, nezinto, ukuthi angatholi ukuziphakamisa, futhi bamthumela kuwo onke amaqembu, futhi bamenze agcine imfundiso yakhe—yakhe kuye uqobo, kodwa nje aqhubeke futhi ashumayele, futhi enzele bonke, wayeyozuza amashumi ezinkulungwane zabantwana abancane.

152 Kodwa banokuzifanisa nabanye abantu okuncane phezulu, nezwe elingaphandle lingena lapha. Bezwa ngoDavid omncane, futhi lapha ngoyedwa omkhulu kunoDavid omncane, ngakho bafika ngapha bese bekubuka. Futhi bathi . . . Awu, bahamba

bangene lapho futhi babone ukupaquza okuphelele, ngakho manje-ke babuyela emuva bese bethi, "Nakho lapho okhona."

153 Uma bezwa omunye umuntu ekhuluma ngezilimi futhi enikeza incazo, ethi, "INkosi izokwenza into ethize," futhi bayibone yenzeka kanjalo nje.

154 Khona-ke baya komunye, futhi babone nje isigejane zabazifanisa nabanye abantu bokwenyama bebuya. Bayahambahamba, bathi, "Nonke niyahlanya." Niyabo, kuyiziqhathaniso zokwenyama. Ningakwenzi lokho.

155 "Abathemba iNkosi bayokuthola amandla amasha." Mangithobe ukuzidla kwami, futhi nje ngibize iGama laKhe. "Mangilinde, Nkosi." Uma Engasangenzeli lutho neze kunokungisindisa, yilokho engikufunayo. "Uma Ubungidinga, ngikhombise, futhi ukuze ngazi, futhi khona-ke ngizohamba. Kodwa Ungitshele, kuqala. Ngilapha, inceku yaKho." Yenza lokho nokuthonya kwakho kuzoba kukhulu. Qaphelani, uNkulunkulu ungcwele wonke.

156 Lomprofethi wayekade encike phezu kwezingalo zalenkosi. Kodwa ngenkathi ethola ukuthi kukhona into eyenzekile... Akunandaba ukuthi indoda yayibusiswe kakhulu kangakanani, nokho ngenkathi uNkulunkulu...inqamula lowomugqa womncele phakathi kwesiphosiso neqiniso, uNkulunkulu ubiza isandla sayo. Khona-ke uIsaya wehlela ethempelini wayesewa ngamadolo. Akungabazeki wayethe, "Yebo, nkosi ehloniphekile! Ubungcwele bakho, mnumzane," kanjalonjalo, kodwa ku—kwaku...noma "Wena wasebukhosini, mnumzane." Kwakuyohluka manje.

157 Wawela ethempeleni, ealtare, futhi uqala ukukhala. Futhi esamemeza, uNkulunkulu wehla ngombono. Futhi wabona iziNgelosi ziya emuva naphambili ethempelini, amaphiko phezu kwezinyawo zaZo, namaphiko phezu kobuso baZo, zindiza, zimemeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla."

158 Wayesethi, "Ngabona uNkulunkulu ephakeme," phezulu le ngaphezu kwanoma yimuphi umuntu lapha emhlabeni, ngaphezu kukaSolomoni, noma uDavide, noma uUziya. UNkulunkulu wayephakamele endaweni umuntu angenakuza kuyo, wayese-ke eba ngothonywe ngenye indlela. Wabona uNkulunkulu ephakeme, phezulu, phezulu le, nomsila wengubo yaKhe. Futhi ngenkathi ebona lezoziDalwa ezinamandla, indawo yagcwala umusi. Futhi wabuka, nezinsika zethempeli, izigxobo, ziqala ukuzamazama ngephimbo laZo. Akazange akubone lokho ngoUziya. Wabona ukuthi umuntu osazofa angawa. Akunandaba ukuthi ubusiswe kangakanani, usengawa. Kodwa wabuka Lowo ongeke awa, ozisekelo zakhe ziqinisekile, ngisho nezinsika zethempeli zathuthumela ngamaphimbo aZo.

159 Kucabangeni. Amaphiko amabili, Zamboza ubuso baZo. Cabangani, ngisho neziNgelosi zimboza ubuso baZo obungcwele. LawomaSerafi, aseduze kwamaKherubi. Ayafana namaKherubi. Angabashisi bomhlatshelo. Nalokho ngukwenza, a—abantwana, indlela yabakhonzi phakathi, ebaqinisekisa indlela. NalamaSerafi, ahlala eBukhoneni bukaNkulunkulu, afanele amboze ubuso baWo.

160 Manje-ke sithatha iGama likaNkulunkulu nje futhi silisebenzise noma ngayiphi indlela, siprofethe kuLo, kube kungasho lutho kodwa olunye uhlobo lokuthonya kwenyama kanjalonjalo, futhi sisho izinto ezingenzeki neze, futhi senze sengathi akunaki lutho. Uma usho okuthize, futhi ngobuqotho, futhi akwangenzeka, phenduka futhi ukusho, ukuthi ubunephutha. Khona-ke ukuthonya kwakho kuzobuya, indoda iqotho.

161 LeziziNgelosi, amaSerafi, awazange asazi isono noma lutho ngesono. Ashisa umhlatshelo nje, ukwenza indlela yomkhonzi, abangcwele. Futhi afanele amboze ubuso baWo. Bekungaba yini lokho, phezulu ngasohlangothini lukaUziya na? Amboza ubuso baWo obungcwele, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngenhlonipho yokuzithoba.

162 Manje akukho nhlonipho yokuzithoba. Lapho kubonakala kungukuthi singenza noma yini nje, eGameni leNkosi, futhi sizedlulele nakho. Nje inqobo nje uma singabeqembu elithize elinye elinenhlaliswano enhle yomphakathi, futhi bengawasusi amaphepha kithi; amagosa nababhishobhi, nokunye nokunye, bengabizi amaphepha ethu, futhi sisalokhu sinokuthonya okuhle phakathi kwabantu.

163 Kodwa nhloboni yokuthonya esinayo eBukhoneni bukaNkulunkulu na? Ngabe imikhuleko yethu ibuyaze yini, noma ngabe iyaphendulwa na? "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. Ngisho nemininingi kunalo uyakuyenza, ngokuba Mina ngiyakuBaba."

164 Sikuphi, bantu bePentecostal na? Sithole emephini yomgwaqo, kulokhu ukusa. Masingedlulwa. Qhabo, mnumzane. Munye umgwaqo oya eZulwini, nalowo ngumgwaqo wobungcwele. Abalungileyo bahamba kuwo. Ongakholwayo uyawuhleka. Kuyangokuthi uyini.

165 Manje, abantu abanayo inhlonipho yokuzithoba. Nalabo abazama ukuphila kahle, abanye babo abebefanele bahloniphe lesosinqumo sokuma owesilisa asithathile, noma owesifazane asithathile, bayabahleka.

166 Owesilisa, ngoluny'usuku, ngoba owesifazane wayenezinwele zakhe eziphushele emuva futhi wazenza ibhanisi ngemuva, wathatha uIsaya 5, wayesethi, "Zinqume lezozinwele," wathi, "ngoba Kwathi, 'amathayi ayindingilizi.'" Noma yimuphi

owesilisa ongazi lutho ngeZwi likaNkulunkulu kunalokho, ngenkathi iZwi likaNkulunkulu lithi kuyihlazo, amahloni, into ehlazisayo, ukuba owesifazane agunde izinwele zakhe. Wathi, "Phantshisa isipele sakho, ithayi eliyisipele, uzoza kulelisonto," nabesifazane bemhleka. Ngoba, nakho lapho okhona. Akukho nhlonipho yokuzithoba! Awulazi iZwi! AwuLihloniphi uma Libatshela! Abefundisi babona iZwi likaNkulunkulu futhi bale ukuhamba kuLo.

167 Kungikhumbuza, ngiza phansi, ngangine nye yalawa lapha amakhamera. Futhi ithi—ithi ukuba yinto entsha, kimi. UBilly uyayisebenza, kahle impela. Futhi inesinye salezi lapha izibonisa kude ezikala ibanga lento, noma ngabe kuyini. Ngase ngibuka ngento ethize, ngabona izinto ezintathu noma ezine, futhi zonke zazibukeka zifana zonke kakhulu. Ngathi, "Lokho ngeke kwabanjalo." Ngabheka *ngapha*, futhi ngibona kuphela eyodwa. Futhi ngabheka *ngapha*, ngase ngibona ezintathu noma ezine. Ngathola lento encane ngase ngibuka ngayo yaze yafika kweyodwa.

168 Yilokho ibandla elikudingayo, isibonisa kude esikala ibanga lento. Sebenzisa isibonisa kude sakho esikala ibanga lento. Kuyini na? *Nakhu* lapho Okukhona. "Ngokuba oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo, ofanayo uyothathwa, ingxenye yakhe, akhishwe eNcwadini yokuPhila." Isibonisa kude sakho esikala ibanga lento. Unokuthathu noma okune, awazi ukuthi uzokwenzani ngaso, sidonsele phansi sibe siNye. "UNkulunkulu Munye." IZwi laKhe linye. Abantu baKhe bamunye, hhayi izinhlangano ezingamakhulu angamashumi amahlanu nesithupha nezinhlangano ezingamashumi ayisithupha nesithupha. Bamunye, bamunye nje. "Lolosuku, nonke niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; naMi ngikini, nani nikiMi." Kunjalo. Thatha isibonisa kude esikala ibanga lento sakho, sidonsele phakathi.

169 Akukho nhlonipho yokuzithoba. Abantu bazama ukwenza okulungileyo. Abantu bathatha isinqumo sokumela iZwi likaNkulunkulu futhi bathi, "Ngizoba nebandla lami ngihlanziwe." Into yokuqala niyazi, kufika ukukhononda kuvela komunye umuntu, futhi bayamxosha. Uzophumela emgwaqeni. Ngani na? Abakholisekile uBukhona baKhe.

170 Ubufanele wenze njengoba kwenza uDavide athi, "Ngibeka iNkosi njalo phambi kobuso bami. Angiyikuzanyazanyiswa. INkosi mayibe phambi kwami. Ngizoba naYe ngakwesokudla sami manje. Uzoba phambi kobuso bami."

171 "Noma yikuphi lapho engibona khona, ngifuna ukubona uJesu kukho. Angizukuya ndawo; angizukwenza lutho; ukuthonya kwami, makube ngokwaKhe nje." Khona-ke isibonisa kude esikala ibanga lento sithole iQiniso. "Ngokuba

uma ukuPhila kukaKristu . . . Mawube kini lowomqondo owawukuKristu."

172 Futhi njalo WayeseZwini likaBaba, ukwenza umsebenzi waKhe. Wathi, "Yimuphi kini ongaNgilahla ngesono, ukungakholwa na? Yonke into iBhayibheli elathi Ngiyoyenza, Ngiyifakazisile. UNkulunkulu uyifakazise ngaMi, ukuthi NginguMesiya. Yimuphi kini ongaNgilahla ngesono na? Nize nenze izinto eNgizenzayo, futhi nenze iZwi lifakazise, ngani, ukuthi iZwi lifakazisa ngaMi, khona-ke qhubekani nithule. Ngoba, isono ngukungakholwa eZwini likaNkulunkulu. Ongakholwa uselahliwe vele." Niyabo? O! Simi kuphi, bandla, kukuphi na?

173 Manje, Zazinamaphiko amabili phezu kwezinyawo zaZo. Kwakuyini lokho na? Ukuzithoba eBukhoneni baKhe.

174 UMose wakhumula izicathulo zakhe, eBukhoneni bukaNkulunkulu. UPawulu wawela emhlabathini, ukuba ange umhlabathi, njengoba kwakunjalo. WayeseBukhoneni bukaNkulunkulu. UJohane umBhaphathizi wathi, "Angifanele ngisho nokuthukulula izicathulo ezinyaweni zaKhe."

175 Amaphiko phezu kwezinyawo zaZo, ukuzithoba, zibhekisisa lapho Ezihamba khona, Ezikwenzayo, ziqonda ukuthi Zisemhlabathini ongcwele. O, uma besingenza lokho, besingasoze sahamba e . . . lezizindawo engafanele. Besingasoze sazenza lezizinto, futhi lokho akulungile.

Manje qaphela. Njalo lalela. Yibani ngozwayo ngobuncane bakho.

176 Ungubani na? Hlohla umunwe wakho ebhakedeni lamanzi bese uyawukhipha, bese uthola imbobo ofake umunwe wakho kuyo. Bese uthi, "Lowo bekuyimi." Awulutho. Awuzukukhunjulwa kamuva, isikhashana emva kokuba usuhambile. Banondwendwe lomngcwabo phandle lapha, futhi yilokho kuphela. Kodwa ukuthonya kwakho kuyohlala njalo, kuqhubeke, kuqhubeke.

177 Yingakho namhlanje, phakathi kwabaphiki-nkolo, abakaze bakwazi ukuchaza futhi basuke ekuthonyeni koMuntu oyedwa, uJesu Kristu, OwayenguNkulunkulu owabonakaliswa enyameni. Ngenkathi Enamathisela ukuphila kwaKhe phansi lapha emhlabeni, wenza indawo yokudonswa edonsela bonke abantu kuYe, esishingishaneni samanzi esikhulu sokuphila kwaKhe okwake kwaba semhlabeni. Ungeke wasondela eduze kwakho ngaphandle uma udonselwa kukho.

178 Kodwa, wena nami, asilutho. Asilutho. Ake sicabange ukuthi yini esidonsayo. Ngi . . . Isikebhe sami esincane, phezu kolwandle lwesikhathi, asisho lutho. Kodwa leyonto enkulu engidonsayo, kuyilokho engizama ukukhomba kukho. *Lokhu* yikho, o, ya, kuhle. Yiba ngozihluphayo ngokuba mncane kwakho. Okwesithathu . . .

179 Ake sicabange. Yona, ngamaphiko amabili Eyayinawo phezu kobuso baYo, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuzithoba no. . . noma ukuhlonipha ngokuzithoba. Futhi okwesibili, Yayinamaphiko amabili phezu kwezinyawo zaYo. Kwakuyini na? Ngokuzithoba. Nokwesithathu, Yandiza nabo, Yazifaka emnyakazweni. Ya—yaZifaka emnyakazweni, ngamaphiko amabili. Ngenkathi, amanye amaphiko amabili yamboza ubuso baYo, ekuhlonipheni ngokuzithoba; amaphiko amabili yamboza izinyawo zaYo, ngokuzithoba; namaphiko amabili, Yayisemnyakazweni. Yayenzani na? Yayikhombisa umprofethi. Ngalokhu, Yayikhombisa umprofethi ukuthi izinceku zaKhe ezilungele zifanele zibe njani. Inkonzo kaNkulunkulu elungele ifanele izihloniphe ngokuzithoba, izithobe, futhi ibe semnyakazweni.

180 Kodwa manje, uma wembula ubuso bakho, wembula izinyawo zakho, umnyakazo wakho awuzukwenza lutho oluhle, ngoba ushukunyiswa ngokungafanele. Uyabo? Thatha konke, ukukuqondisa ngokukuphelekezela. Ukuzihlonipha ngokuthoba, zithobe, bese uba semnyakazweni, yilokho uNkulunkulu afuna leliqembu lePentecostal libe yikho, ngokuba uNkulunkulu ufuna iBandla laKhe ukuba libe semnyakazweni.

181 Njengowesifazane emthonjeni, wathi nje angama lapho futhi abuke phezu kwalomJuda owayekhuluma kuye. Futhi Wathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

182 Wayesethi, "Awu, u—u—umthombo ujulile." Wayesethi, "Awunalutho lokukha. Empeleni, kuqala," wathi, "asinakudlelana nomunye nomunye. Uyazi, kunokwehlukana lapha. Awu, asinakho ukudlelana. U. . . Ngingowesifazane waseSamariya, futhi—futhi ungumJuda. Asinalutho. . . " Niyabo? Wahamba nenkambiso endala.

183 Kodwa Wathi kuye, "Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, noma Ubani obekhuluma kuwe, ubuyocela kiMi amanzi."

184 Wathi, "Umthombo ujulile. Awunalutho lokukha."

Wathi, "Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha."

"Ngani," wathi, "anginandoda."

185 Wathi, "Usho iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

Bukani. Ngokushesha wahlehla. Kwakuyini na?

186 Hhayi njengabaFarisi. Ngenkathi bebona lokho kwenza, bathi, "LoMuntu unguBelzabule, umbhuli. Unokufunda ngengqondo. Niyabo? Asizukuba nalutho esilwenza. . . SizoKuchaza sikuchezukise konke, ebandleni lethu. Empeleni, Akalazi iZwi. Siphuma esikoleni. Asinarekhode laKhe ake aphume emakholiji ethu." Ehhe.

187 Kodwa WayeneQiniso, eliqinisekisiwe, iQiniso elinikezwe nguNkulunkulu. Kwenzekani na? Amaphiko akhe ngokushesha aya phezu kobuso bakhe, amaphiko aya phezu kwezinyawo zakhe. Wathi, "Mnumzane," hhayi ukuthi Belzabule. "Mnumzane, ngokwazi kwami konke, Ufanele ukuba ngumprofethi. Manje, ngiyazi besingenamprofethi amakhulu eminyaka. Kodwa umBhalo uyasho, ukuthi, 'Nxa uMesiya efika, Uyoba ngumprofethi njengoMose.' Futhi siyazi, uma uMesiya efika, Uyokwenza lezizinto. Kodwa angiqondi. Ungubani Wena na? Ufanele ukuba ngumprofethi. Uma loMesiya efika, Uzokwenza lento efanayo Oyenzile, ngoba Uzoba nguNkulunkulu-mProfethi."

Wathi, "NginguYe, okhuluma kuwe."

Khona-ke wangena emnyakazweni. "Wozani, nibone uMuntu!"

188 Wenzeni namhlanje na? Wena uthini namhlanje na? "Akasuye owenhlangano yethu," akukho nhlonipho yokuzithoba, akukho kuzithoba, "ukujoyinana namaqembu ethu." Uma bebona ibandla liphakama kanjalo, "Yi—yisikhundla sephentekoste. Bukani ukuthi Livelaphi, 'Izinyoni zohlobo olulodwa!'" Lokho kuhle. Amajuba njalo andawonye. Ngakho U. . . Kuhle. Wathi . . . Impela. Badla uKudla kwamajuba nabo, hhayi ukudla kwamagwababa.

189 Igwababa lingumzenzisi. Lingadla ukudla kwamajuba, futhi libe yinqe, ngesikhathi esifanayo. Kodwa ijuba ngeke ladla ukudla kwamagwababa. Alinanyongo. Kunjalo. Ukuba belike lakudla, bekuzolibulala. Kodwa igwababa elidala lingahlala phansi, lidle imfucumfucu ye—ye—yenhliziyo yokudla yomthuthambi wayo uqobo, likugcwalise, futhi liphume ngqo futhi lidle okusanhlamvu nejuba. Kodwa, ehhe-e, ngeke wakwenza lokho ngejuba. Lingadla kuphela ukudla kwalo uqobo.

190 Nejuba langempela likaNkulunkulu lidla kuphela iZwi. Ngeke lazithatha izinto zezwe. Qhabo, mnumzane. Ngeke lakufaka esiswini. Yilokho kuphela. Kungalibulala. Ngakho nje ngeke lakumela.

191 Kodwa onke ahlala othini olufanayo. Ngakho, lapho, yilokho-ke. Akwenza emkhunjini, futhi akwenzile selokhu kwasukela lapho, ngakho nakho lapho okhona. UJesu wathi, "Bayekeni kanjalo." Wathi, "Ngalolosuku, ukolo uyofakwa enqolobaneni, kanjalonjalo."

192 Nginihlalisa isikhathi eside, kodwa ngizosheshisa uma ngingakwenza. Qaphelani. Ngokushesha nje, angiqondile ukukusho nganoma yikuphi . . . Niyazi, lolu alusilo udaba lokuhlekisa, bangani. Lona ngumBhalo. Niyabo?

193 Ukuzithoba, owesifazane wangena emnyakazweni. Ngani na? Kuqala, wahlonipha ngokuzithoba. "Mnumzane, ngiyabona

ukuthi ungumprofethi Wena.” Amaphiko phezu kwezinyawo zakhe, phezu kobuso bakhe. WaMqonda. “Ungumprofethi. Ngiyakukholwa lokho. Siyazi uma uMesiya efika. Manje, kade singenamprofethi selokhu kwaba nguMalaki. Kodwa siyafundiswa phansi lapha, ukuthi sukulumbe lapho uyovusa oyedwa enkundleni, phakathi kwamaJuda, futhi Uyoba nguMesiya. NoMose wathi, lo esitshelwa ngaye, ‘Uma ekhona umuntu phakathi kwenu ongokamoya noma umprofethi, nalokho okushiwo yilomuntu kufezeka, khona-ke niyakwazi.’ Leyo nje yinto efanayo uJeremiya ayisho kuHananiya, kanjalonjalo, ‘Uma lokhu kufezeka, khona-ke siyazi ukuthi kuyaqinisekiswa, kuyiqiniso.’ Futhi manje, lapha, ungitshela ukuthi benginamadoda ayisihlanu, nalelo yiqiniso. Futhi ngihlala nenye indoda manje.”

194 “Ngakho ngiyazi ukuthi Ufanele ukuba ngumprofethi. Ngiyazi sekuyisikhathi sokuba uMesiya afike, futhi Uzositshela lezozinto.”

Futhi Wathi, “NginguYe.”

195 Futhi wathi nje Angazikhomba Yena uqobo, wangena emnyakazweni, wehlela ngqo emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Lona kungebesuye impela uMesiya na? Ningakugeji, madoda. Uhlezi phandle lapho esiqwini.”

196 O, ngingasho yini lokhu kulokhu ukusa, lowoMesiya ofanayo, ngesimo sikaMoya oNgcwele, ukhona lapha ngqo manje, (ningakugeji, bandla), ekhombisa izibonakaliso ezifanayo nento efanayo. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Izibonakaliso ezifanayo, kuzofanele kube njalo.

197 Uma ukuphila kusemvinini wamagrebhisi, ekhula . . . Ukuba—ukuba ubungedlulisela ukuphila kwethanga emvinini wamagrebhisi, ngani, ubungamila ube yithanga, noma ikhabe, noma yikuphi ukuphila okukuwo. Futhi uma ukuPhila kukaKristu kwedluliselwe kuwe, ngoMoya oNgcwele, uthela isithelo, uphila ukuPhila.

198 Ngakho, uyabo, uma sithela amathanga ngapha, futhi sifanele sithele amagrebhisi, kukhona okungalungile. Niyabo? Ngakho, khipha lokho kuphila kuwe. Awudingeki uthathe lokho.

199 Ukuthekelisa kuvulekile, kulokhu ukusa. “KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi elimuncwe emithanjeni kaEmanuweli, lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala legazi.” Abazifanisa nabanye abantu bangabhukuda lapho futhi basuse konke ukuzifanisa kwabo nomunye umuntu, futhi bathole into eyiyo ngempela. Bese kuthi-ke ukuthonya kwakho kuzoba ngokukhulu phakathi kwabantu, eBukhoneni bukaNkulunkulu.

Owesifazane wangena emnyakazweni.

200 UPetru, ngoluny'usuku wayethe kancane ukuba sekungabazeni, mhlawumbe. Wabolekisa ngesikebhe sakhe kuMuntu waseGalile owayephansi impela nje kubakake ophansi phakathi kwabantu. NjengoBelzabule; umbuli; umoya othize omubi wawuphezu kwaKhe. Siyazi ukuthi UngumSamariya, futhi uyahlanya. Siyazi Unedemoni." Futhi onke amabandla ayeMkhiphele ngaphandle.

201 Futhi nokho Wayeqonde nje ngqo neZwi ngakho konke. Angalokothi nayimuphi wenu athi Wayengenjalo. Kunjalo. Ningasho ukuthi Wayengenjalo. Wayephambene ngakho konke kunoma yiziphi zezinkolelo zabo, kodwa WayeneZwi ncamashi, wayengakufakazisa ngqo emBhalweni. Wathi, "Ubani ongaNgilahla ngesono na?" Manje, Wayenalo.

202 Futhi ngenkathi uPetru eMboleka isikebhe, Wathi, "Phosela ekujuleni, bese wehlisela ukubamba."

Wathi, "Ngidobe ubusuku bonke. Akukho lutho phandle lapho."

Wathi, "Ngithe, 'Phosela ekujuleni.'"

203 "Awu, uma loMuntu enguMesiya, Ungumprofethi. Ngakho ngizodonsa isikebhe ngisikhiphele lapha." Wayesephosa inetha ngaphezulu, wayesethi, "Ngezwi laKho, ngizolithatha. Isizathu, angiKwazi, kodwa inkulumo yaKho—yaKho—yaKho izwakala kahle, ngakho ngizophosa inetha bese ngibona. Futhi ngaliphosa inetha." Futhi selehlile, wathi, "Suka kimi, Nkosi. Ngingumuntu oyisoni."

204 Yinto efanayo uIsaya ayisho, "Suka kimi. Nkosi, ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile. Ngihlala phakathi kwabantu abangcolile." Wathola ukuthi iZwi likaNkulunkulu lasebenza, uma uthatha uNkulunkulu eZwini laKhe.

205 Impumputhe, ngenkathi iphiliswa, ayikwazanga ukuthula. Ngani na? Yayisemnyakazweni. UPetru wangena emnyakazweni. Owesifazane wangena emnyakazweni. Impumputhe, ayikwazanga ukuthula. Yathi, "Ngabe lona nguMuntu o . . . "

"Nika uNkulunkulu udumo. Siyazi lomuntu uyisoni."

206 Yathi, "Kuyinto eyisimanga ukuthi nonke animazi ukuthi UnguBani, futhi ningabaholi. Kuyinto eyisimanga usuku selufikile phezu kwethu, ukuthi uMuntu angakwazi ukuvula amehlo empumputhe, futhi nina bafundisi basesontweni animazi ukuthi UnguBani." Lowomuntu wayenesayense yezenkolo ethize enhle.

207 Yathi, "Leyo yinto eyisimanga, phakathi kwenu bantu enifanele ukuba ngabaholi bakamoya bosuku. Namehlo omuntu avuliwe lapha; mina ngiyimpumputhe. Niyazi ngiyimpumputhe. Niyazi ngangiyimpumputhe, futhi manje sengiyabona." Yathi, "Noma ngabe Uyisoni, noma qha, angazi. Kodwa

ngazi into eyodwa: sengiyabona; lapho, ngangiyimpumputhe, ngaphambilini."

208 Yangena emnyakazweni. Yayimboze ubuso bayo, yamboza izinyawo zayo. Yathi, "Nkosi, Ubani lona, engingamkhonza na?" Khona-ke Wayefuna ukwazi. Impumputhe, impela, yalwandisa phesheya udumo lwaKhe, ndawo zonke.

209 Lalelani. Abantu ePhentekoste, bamboza izinyawo zabo. Bamboza ubuso babo. Babengakhathali ukuthi amaJuda athini. Babenokuthunywa okuvela kuNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu, ukuba benyukele ethempelini, ukuya eJerusalema ufuthi balinde phezulu lapho eJerusalema kwaze kwafika uMoya oNgcwele. Futhi babelapho, belalela iZwi laKhe. Ukuzithoba; bekhothama.

210 Ngenkathi, ibandla lalibahleka. "Isigejane sabakholwa okuphambene nokukholwa okujwayelekile sisekamelweni eliphezulu phezulu lapho."

211 Ubuso obumboziwe, eBukhoneni bukaNkulunkulu! "O, Nkosi, Wanikeza isithembiso. Uma kukhona ububi obukimi, ngihlanze, Nkosi." Khona manjalo nakho kwehla amaphiko omnyakazo, futhi bangena emnyakazweni. Bona ababesaba, bengabunikezi ubufakazi babo esitaladini. Base besemgwaqeni, bekhuluma ngezinye izilimi, futhi—futhi besemnyakazweni.

Ngangokuthi abantu bathi, "Lababantu bagcwele iwayini elisha."

212 Kwase kuthi uPetru, lo owayekwazi ukugcina imiBhalo, imiBhalo iqonde, wathi, "Laba kabagcwele iwayini elisha. Kodwa *lokhu* yiLokho."

213 Futhi bengihlala njalo ngithi, "Uma *lokhu* kungesikho *lokho*, ngizovele ngigcine *lokhu* nje kuze kufike *lokho*." Ngakho ngi—ngikuthanda kahle kakhulu *lokhu*, ngizovele nje ngihlale na*lokhu* Lokho kuze kufike lapha. Ngikholwa ukuthi *lokhu* yiLokho. Kulungile. Kulungile. Ya.

Basibonile isithembiso sikaNkulunkulu sigcwaliseka. Sabafaka emnyakazweni.

214 Futhi esikubonile, esikubonile, izithembiso zaKhe ngalezizinsuku zokugcina, esikubonile, qobo lwethu, bekufanele kufake ngamunye wethu emnyakazweni.

215 Kodwa niyazi ukuthi kungani? Asibumbozi ubuso bethu nezinyawo zethu kahle. Amaphiko ethu angeke asebenza. Niyabo? Sina*la*maphiko andlalekile, na*la*maphiko andlalekile, futhi sizama ukwendlala *lawa*, futhi. Siphephetha umoya nje. Niyabo? Zimboze, zithobe, bese-ke ungena emnyakazweni. O, he!

216 Esikubone kwenzeka bekufanele kufake wonke umphefumulo emnyakazweni. Bekufanele kwenze ibandla ebelingenza imvuselelo lapha ePhoenix, ukuthi abantu

bebezondiza bangene bevela eYurophu, ukubona ukuthi kwenzekeni. Bebezothi, "Kunendawo eArizona ethiwa iMaricopa Valley, idolobha elithiwa yiPhoenix. Kukhona into egqibuke lapho kwaze kwathi imidumo eyisikhombisa yeSambulo 10, okungabhaliwe ngisho eBhayibhelini, kuyabonakaliswa."

217 Amandla kaNkulunkulu, isikhathi sokuphela sesilapha. Ingelosi iqoqe obekushiwe kungaqoqiwe futhi silapha. Amen. "Wayesezoyiloba leyomidumo, Wayesethi, 'Ungayilobi. Inameke ngophawu.'" "Futhi ngalolosuku lokubetha kwale yokugcina, ingelosi yesikhombisa," unyaka webandla wesikhombisa, unyaka webandla laseLawodikeya, "imfihlakalo kaNkulunkulu," konke ngoNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu akasiso kanjani isigejane esikhulu sonkulunkulu, kodwa uNkulunkulu oyedwa, "nazozonke lezi ezinye izinto ziyofanele zonke zifezwe ngalesosikhathi."

218 Izimpi ezinkulu, emuva ngaphambili, zazinokushiywe kungaqoqiwe kulenga. Kufanele konke kusongwe ndawonye, ngalo nyaka wokugcina. Wathi, "Manje-ke uma lokho sekubetha, iNgelosi iyehla yayisithi, 'Akusayikubakho isikhathi. Ngiyofunga Yena ophila kuze kube phakade naphakade, akusayikubakho isikhathi.'"

219 O, silapha, mfowethu, dadewethu. Sisesikhathini. Masivumele uMoya oNgcwele usithonyele eZwini likaNkulunkulu. Masivumele uNkulunkulu enze ukuthonya ezinhliziyweni zethu, futhi singathonywa ngabanye. Niyabo? Lokhu bekufanele kusifake emnyakazweni ngenhlonipho nokuzithoba, iNsika yoMlilo iqinisekiswa phakathi kwethu futhi, njengoba yayinjalo, iletha abantwana bakwaIsrayeli. Izibonakaliso zokuFika kwaKhe sekuseduze. O, he! IZwi, ngeZwi ligcwaliseka, siyasibona isithembiso, "Izinsuku zokugcina, Uyothulula uMoya waKhe."

220 Bukani iPresbyterian, amaMethodisti, namaBaptisti. Eza kulokhu ukunyakaza. Benikwazi lokho na? Lalelani, bazalwane. Aniyiqondi imiBhalo na? IBhayibheli lathi, "Lapho izintombi ezilele ziza ukuzothenga amaFutha, kwakuyilesosikhathi uMyeni afika ngaso."

221 Ngiyaqaphela kwiFull Gospel Business Men yenu, ukuthi ningenisa kanjani u "Baba *S'bani-Bani*," iPresibyterian; ningenisa kanjani u "Baba *S'bani-Bani*," iKatolika, nakho konke lokhu. Empeleni, abasibo o "Baba." IBhayibheli lathi, "Ningabizi muntu ngokuthi nguBaba kulomhlaba." Bangabefundisi. Futhi ngibahlonipha ngayo yonke inhlonipho abangahlonishwa ngayo, kodwa anifanele ukuba nibabize ngo "Baba."

222 Futhi, nina Business Men, ngithemba ukuthi lowomhleli ulapha kulokhu ukusa. Ya. Kwenzeka kanjani ubhale izwi

lokufakazela ngemuva, ngalokho izivumokholo zakho eziyikho, nezinto ezinjalo, futhi ube ngongakhethi-hlelo na? Kungcono uphume kulokho. Ehhe. Kunjalo.

223 Qaphelani, bazalwane bami. Lalelani. Lapho uMyeni efika, intombi elele yavuka. Noku—kubetha kuyafika, "Bhekani, uMyeni uyeza." Ngabe yilolosuku esiphila kulo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Nentombi elele yavuka, amaMethodisti, nePresbyterian, iKatolika, nazo zonke, ziyangena, "O, sipheni amanye, lamaFutha. SiyaWabona."

224 Zathi, "Sinanele thina nje manje. Ufanele uWalindele, qobo lwakho." Futhi zisalindile, uMlobokazi uyafika.

225 Futhi akukaze emlandweni wonyaka webandla, akukaze emlandweni wezinga lephentekoste kuleminyaka engamashumi amahlanu edlule, kuke kubekhona isikhathi lapho izwe lamahlelo lingena lishwibeka njengoba linjalo khona manje. Aniqondi yini ukuthi lolu wubizo lokugcina na? Futhi, nokho, mahlaphahlapha nje siqhubeka sengathi bekungenzeki ngisho nalutho. "Udumo kuNkulunkulu! Ngingasina emoyeni. Ngi . . ." O, o, o, o! He!

226 UJesu wathi, "Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, bathi, 'Nkosi, Nkosi, angenzanga yini lezizinto na?'" Ngobuqotho! Ukuthonya kwakho! He! Yebo.

227 Esikubone kufezeka kufanele kusifake emnyakazweni. Thina, njengomprofethi uIsaya, sibone ukuziphakamisa kwamahlelo elahlekelwa yindawo yawo.

228 Kwenzekani ngenkathi imvuselelo ifika ngoLuther na? Benzani na? Isikhashanyana nje, futhi bahlela, benza inhlangano yamaLuthela; badweba umugqa omncane, bathi, "SingamaLuthela. Nonke nina abanye ningaphandle." UNkulunkulu wakubhidliza, ngoJohn Wesley.

229 Kwase kuthi-ke ngenkathi uJohn Wesley esehambile; uCharles, noJohn, noAsbury, nakanjalo, ngenkathi beshiya enkundleni, bakuhlela. Nenzani na? Nadweba umugqa ofanayo njengoba kwenza ibandla eliKatolika, lenza inhlangano.

230 Yayingakaze ibekhona inhlangano kwaze kwaba yibandla eliKatolika. Lingumama wakho konke okwayo. Manje, nina enazi umlando, niyazi ukuthi lokho kuqinisile, uMkhandlu waseNayisiya.

231 Manje, sithola ukuthi, ukuthi lapho nahlela. Nenzani na? Kwafa. AmaMethodisti afa khona lapho. Akukaze kunyakaze, kusukela lapho.

232 Nakhu kuqhamuka amaPentecostal, futhi nenzani na? IGeneral Assembly, eyaziwa njengeAssemblies of God, o, wazihlela. Wenzani na? Kuqala ukudleka.

233 Kwase-ke kufika abakaMunye, ethiwa, “IMpumelelo Entsha.” Wenzani na? Waphuma wase uzihlela wena. UNkulunkulu wenezela into ethize encane ebandleni, futhi wena, “O, sinaLo, futhi nonke niphumile kuLo.” O, he, mfowethu! Lowo akusuye uNkulunkulu. Aniboni na? Nenzani na? Nafela emzileni ngqo.

234 UNkulunkulu wavusa iChristian Business Men, lapha ngosuku lokugcina. Futhi uma beqala into efanayo, bayofela khona lapho. Kunjalo impela. Ningakwenzi neze lokho.

235 Ini na? Kwenzekani na? UIsaya wabona indoda enkulu ilahlekelwa ukuthonya kwayo futhi ifa.

236 Futhi ngakho sibone isikhathi, ngalolusuku lokugcina, ukuthi ngenkathi, uNkulunkulu, Yena, akadingi ukuba avuse iPentecostal. Angavusa iPresbyterian, iBaptisti. Ubengavusa omunye umuntu ongaphumi nakwelilodwa lalo. Kunjalo. “Angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe.”

237 Futhi siMbona ephuma ngqo ezikhundleni zePhentekoste, futhi evusa indoda engazi lutho ngani, akwenze—kwenze ube namahloni ngawe. Bese niyamala, nithi, “O, umbhedo! Ngani, igosa lingangikhipha ngqo.” O, mfowethu! Uyabo lapho onakho khona na? UIsaya wabona lokho kulahla ukubamba kwakho, futhi sibona lawomahlelo elahla ukubamba kwawo.

238 O, nibakhulu ngesibalo. Lelo yiqiniso. Bekungangcono ni . . . UNkulunkulu wathi, “Ngenkathi usemncane, waNgihlonipha ngokuthobeka. Futhi—futhi Ngi . . . Ngenkathi usemncane, Ngangikwazi ukukhuluma nawe. Kodwa ngenkathi usumkhulu kangaka, aNgikwazanga ukukhuluma nawe, khona-ke wadingeka uzigijimele ngasingawe.”

239 Yilokho esikwenzayo, njengombuso omkhulu, iDuesenberger engamasilinda ayishumi nesithupha. Sinomshini wezombusazwe no—nombuso e—ezinhlanganweni. Amagosa awo na—nazozonke lezi ezinye izinto ezehlukene ezinamandla phezu kwento, noMoya oNgcwele ubalwa ngaphandle. Uzama ukwenza into ethe ukuphambana kancane nemfundiso yakho, bathi, “Awu, umbhedo!” Kuhlole neZwi. YiZwi, likholwe; uma kungesilo, kushiye kanjalo. UNkulunkulu uyoqinisekisa iZwi laKhe. Kunjalo.

240 Manje, uUziya ubonile ukuthi lowomuntu . . . Ngizosho into ethize. Futhi angifuni ukulimaza, kodwa ngifuna ukukwenza kunamathele. U-Uziya . . . Wabona umuntu onokuthonya okukhulu (ini?) elahla ukubamba kwakhe, ngoba wehluleka ukugcina iZwi. Kunjalo na? Manje, siphilile ukuba sibone usuku olufanayo, ukuthi onke lamahlelo amakhulu alahlekelwa ukuthonya kwawo. UNkulunkulu ufinyelela ngale kwesinye isigaba ndawondawo, ucosha into engahlangene ngalutho ngani. Niyabo? Siyakubona.

241 Lamahlelo amakhulu, ngezivumokholo zawo, alahlekelwa ukubamba kwawo. Ngani na? Azama ukubumba into ethize ukuba ithathe indawo yesikhundla sogcotshiweyo. Whewu! Niyazi ukuthi lelo yiQiniso. Anisoze nakwazi ukukwenza. UNkulunkulu uzothatha owaKhe ogcotshiweyo, futhi ningeke nazifanisa nalesosikhundla. UNkulunkulu uyagcoba. Ukhetha lowo Athanda ukumkhetha. Ulahla ngecala lawo Athanda ukumlahla ngecala. NguNkulunkulu owenza ukulungisisa. UNkulunkulu owenza ukukhetha, futhi Uyakuvusa. Futhi thina siyakwenqaba, futhi manje-ke sibona ukuthonya kulahlekile. UNkulunkulu uqhubekela phambili ngqo, ekuzithobeni kwaKhe, endleleni yaKhe yokuzithoba; futhi ukhipha iqembu ngqo, ngenxa yeGama laKhe, njengoba Athembisa ukuthi Uyokwenza. Ya.

242 Thina, njengo Uziya, sibona amahlelo amakhulu elahlekelwa yindawo yawo, ngoba azama ukuthatha indawo yogcotshiweyo, ngehlelo, esikhundleni sokuthatha iZwi eligcotshiwe.

243 U-Uziya wayeyinkosi enkulu. UNkulunkulu wamenza inkosi. Lokho kulungile. Kodwa ngenkathi ezama ukuthatha, qobo lwakhe, futhi uzenza umpristi, akakwazanga ukukwenza.

244 Singazenza singabi yilutho. Ningeke nenza ababhishobhi, nabaprofethi, kanjalonjalo. Ningeke nakukhiqiza. Kufanele kuzalwe kini. Kufanele kube nguMoya kaNkulunkulu, abamiselwe ngaphambili kusukela ekusekelweni kwezwe. "UNkulunkulu wamisa ebandleni." UNkulunkulu wenza Akwenzayo. Futhi uma sizama ukuzifanisa nomunye umuntu, silahlekelwa ukuthonya kwethu. O, bandla! Yini singa . . .

245 Lalelani. Kunjengomdlalo webhola, umuntu mumbe emdlalweni webhola. Umuntu mumbe uthola ibhola, futhi bonke ababadlali bakhe uqobo bazame futhi bathathe ibhola balisuse ngqo kuye. Ningeke nawina umdlalo.

246 Yiba ngogadile, gada ibhola, ungazami ukulisusa kumuntu olandelayo.

247 "Udumo kuNkulunkulu! Uma engakwenza ngapha ku*leli*khona, uNkulunkulu ambusise."

248 "Ngi—ngi—ngingokaMunye, ngingakwenza." "NginguMthathu emunye, ngingakwenza." "Akanamsebenzi ukwenza lokho." Ushaya ibhola ulisuse ezandleni zabadlali bakho uqobo.

249 Nonke ninamaMethodisti, maBaptisti, Presbyterian, maLuthela, bakamunye, bakambili, bakamthathu, uma nigibele ikameli elinesifumbu esisodwa, amakameli anezifumbu ezimbili, noma uma unamadazini ezifumbu, kwenza mehluko muni na? Sonke masize kulomthombo, "Umthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni kaEmanuweli, lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala lamanzi."

250 Asigade iBhola. *Leli* yiBhola. UMoya oNgcwele uzama ukuLiphatha. Liyolahla ngecala ubukhomanisi. Liyolahla ngecala isono. Liyolahla ngecala ukungalungi. Liyobonakalisa futhi likhazimulise uJesu Kristu, futhi lilethe uMuntu waKhe phakathi kwabantu. Amen. Impela. Qhabo. Yebo, mnumzane.

251 Umbono womprofethi wabangela ukuvuma. Ngena eBukhoneni bukaNkulunkulu nje, kanye. Ubona umbono, umbono oqinisile ovela kuNkulunkulu, ubona ukuthi umncane kanjani. Yingakho ngiseWest Coast manje. Qaphelani. Ngena eBukhoneni bukaNkulunkulu nje, kanye, bese ubona ukuthi kwenzekani. Niyabo? Kwabangela umprofethi . . . Wenzani lomprofethi na?

252 Sengizovala ngempela. Umprofethi, indoda yokuthonya, indoda ebiziwe; ngaphambili le kombhishobhi, ngaphambili le kwegosa lesifundazwe, ngaphambili le komfundisi wasesontweni, udokotela wesiqu. Wathi, "Ngiyisoni, futhi ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile." Whewu! Indoda eyayinesikhundla njengomprofethi, futhi, ngenkathi lezoziNgelosi zifika ngakhona, futhi waqonda ukuthi wayeyisoni.

253 Futhi nokho abesifazane bakithi bangaba nezinwele ezimfishane, basine eMoyeni. "Imvula inela abalungileyo nabangalungile."

254 Abesilisa bakithi bangabambelela ezinhlanganweni zabo, futhi babize yonke enye into ngodeveli, lokho akunabo; futhi babe belokhu besasina eMoyeni, futhi bashumayele iVangeli, futhi bazibize . . . O, mfowethu, kukhona okungalungile. Kunjalo.

255 Manje, ninga—ningangithukutheleli. Kholwani. Nje—nje—nje yibani qotho phambi kukaNkulunkulu, ngisaqedela lapha, umzuzu.

256 Kwabangela lomprofethi omkhulu ukuba athi, "Ngiyisoni. Mina, ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile." Manje-ke, ngenkathi eselungiselele ukuvuma, khona-ke kufika ukuhlanza. Nikuqaphelile lokho na? Wathi, "O, ngingumuntu ophelile. Ngingumuntu ondebe zakhe zingcolile, nakuba ngiluhlelo oluphakeme kunalo lonke lokomoya, noma isikhundla sokomoya, ezweni. Ngingumprofethi walelizwe, kodwa ngingcolile. Izindebe zami azihlanzekile. Ngiphele konke. Maye kimi. Ngibona iNkosi uNkulunkulu wamabandla."

257 Ngenkathi lezoziNgelosi zimboze ubuso baZo, ukuba zime eBukhoneni baKhe, khona-ke uyaqonda. Ukuba ibandla kuphela belingaqonda ukuthi loMoya oNgcwele uyiNkosi uNkulunkulu wamabandla! Mboza ubuso bakho, izinyawo zakho. Yehla.

258 Wavuma, qaphelani, bese-ke kufika ukuhlanzwa kwakhe. Manje ngizosho okuthize, kodwa ningalimali. Ukuhlanzwa

kwakhe akufiki neze ngesivumokholo. Kufika ngoMlilo. Ukuhlanzwa kwakhe akufiki neze ngesimemezelo senye incwadi, okwashiwo ngu *S'bani-bani*. Ukuhlanzwa kwakhe kwafika ngoMlilo. INgelosi yahamba futhi yathatha uMlilo ealtare yase iWubeka ezindebeni zomprofethi. Ukuhlanzwa kufika ngoMoya oNgcwele noMlilo, hhayi iziqu ezintsha zobuciko, noma isiqu sobudokotela, noma okuthize.

259 Njengoba uParris Reidhead washo kungekudala, ngenkathi emukela uMoya oNgcwele, ekamelweni lami elingaphambili, wathi, "Mfowethu Branham, ngineziqu ezenele ukuplastela udonga lwakho. Kodwa muphi uNkulunkulu kukho konke okwakho na?" Wathi, "Ngabe othisha bebesephutheni na?"

260 Ngathi, "Mina, nginemfundo yebanga lesihlanu, ngithi othisha banephutha na? Akusikho lokho. Babeqinisile kulokho ababekufundisa, ngiqagele, kodwa azange bafundise kuze kuyofika ekweneleni."

261 Njengendoda idla ikhabe, yathi, "Leyongxenye ibimnandi, kodwa iseningi eyalo na?" Ilumise nje, bese ulisusa kuyo na? Qhabo, mnumzane.

262 Njengokuphakela inyoni engumzwilili, izigaxa ezinkulukazi zamavithamini, ukwenza amaphiko amakhwifikhwifi amahle amakhulukazi, nokwamaphiko, nokwenza amathambo amahle, futhi uyenze ibe yinyoni enkulu enqinile, bese uyifaka esibiyelweni. Ingeke yawasebenzisa.

263 Idedele. Dedela uNkulunkulu ayosebenza kuyo, ayifake emnyakazweni, uma ilungele ukumboza izinyawo zayo. Kunjalo. Kodwa manje, khumbula, kungeke kwasebenza uze umboze izinyawo zakho.

264 Uyoma nje, uphephethe umoya, "NgiyiAssembly. NgingokaMunye. Ngiyi*lokhu*." Uma lapho nje, uphephetha umoya, ungafiki ndawo.

265 Kodwa uma uke wamboza ubuso bakho, umboze izinyawo zakho, bese-ke ungena emnyakazweni. "Nkosi Nkulunkulu, nangu mina."

266 Kuqala nakho kufika ukuhlanzwa. Qaphelani. Nokulandela ukuhlanzwa kwakungukuthunywa. O, he! Yebo. Kuqala ukuvuma, bese kuba ukuhlanzwa, bese-ke kuba ukuthunywa. Ngani, emva kukaIsaya ohlanziwe wahlanzwa ngoMlilo, wayesememeza emva kokuba esehlanziwe, "Nkosi, nangu mina. Thuma mina."

267 O, bandla, bosomabhizinisi, masingalahlekelwa ukuthonya kwethu. (Sengiyavala.) Asimboze ubuso bethu kulokhu ukusa. "Nkosi, angiyilutho. Nkosi, ngibumbe futhi ungenze kabusha. Ngiphansi ethempelini. Mangimboze izinyawo zami. Nkosi, angilutho. Ngiyavuma ukukhohlwa konke engake ngakwazi.

NjengoPawulu, 'Angazi lutho, kuphela ugcina uKristu, futhi Yena ebethelwe.' Makuthi mina, Nkosi, ngizithobe."

268 Bese kuthi-ke uma usuvuka lapho, ngokuvuma kwangempela, ukuhlanzwa kwangempela, bese kuthi-ke uma kufika ubizo, "Ubani ozosiyela na?" manje-ke, Isaya, ungaphendula, "Nangu mina. Thuma mina." Impilo yakho izothonya umndeni wakho. Izothonya umakhelwane wakho. Izothonya ibandla lakho. Izo . . .

269 Faka nje amalunga elilodwa noma amabili akahle ebandleni, elisemlilweni ngempela ngoNkulunkulu, kuyokwenza okuthize kwalelobandla, ukwedlula izimvuselelo ezingamashumi amane obungaba nazo. Kunjalo. Elikahle, ilunga elihlanziwe, liba yisibonelo, nobuso bukhanya bunenkazimulo kaNkulunkulu, linobumnandi nokuzithoba, ukuma lapho emandleni kaNkulunkulu. Futhi, bhekisisani, uma umuntu mumbe egula, bayobiza lowomuntu ukuba eze ezokhuleka. Noma, ungahle uhlekise ngabo, nethayi labo liphantshile, kanjalonjalo. Ungahle wonke lombhedo uwusho. Kodwa ake ukufa kukushaye kanye, uzothola, lapho leyomizabalazo uqala ukufika, ubani lowomuntu oqotho ngempela osebandleni.

270 "Nangu mina, Nkosi. Ngithume mina. Ukuthonya kwami makube phezu kwabanye, Nkosi. 'Ngokuba kimi ukuphila kunguKristu, nokufa kuyinzuzo.' LeliZwi malingithonye. Nomkhuleko wami ungukuthi, Nkosi, uma ngisekulesisigodi lapha, seMaricopa Valley, indawana yelanga elincane yezwe, kwangathi ngingakwazi ukuthintana neNdodana kaNkulunkulu, ezosabalalisa ukukhanya kwelanga kukaMoya oNgcwele isigodi sonke. Futhi kuzobangela abazalwane, nabesifazane, nodade, futhi ngisho nezoni, ukuthola lomthombo ugcwaliswe ngeGazi."

271 Kwangathi sonke singeza endaweni yethempeli, lapho esingaziqonda khona ukuthi singcolile, futhi siphile impilo kakhulu ezothonya abanye ukuba bathande uKristu.

Asikhuleke.

272 Sisakhothamise amakhanda ethu, ngizohamisha. Ngempela . . . Angikwazi ukucula. Nonke nje lihamisheni kanye nami, ngenkathi ngikhuluma amazwi.

> Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,
> Limenza abemhlophe qwa,
> Lapho iphimbo likaNkulunkulu lathi, "Ngubani oyakusiyela na?"
> Khona waphendula, "Nkosi, lapha, ngithume mina."
>
> Khuluma, Nkosi yami.

Sonke kanyekanye, manje.

Khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyophendula, "Nkosi, ngithume mina."

Ngobuqotho manje, lalelani.

Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni;
Lalela ekukhaleni kwabo okulusizi nobumuncu;
Shesha, mfowethu, shesha ubophule;
Ngokushesha phendula, "Nkosi, nangu mina."

Wonke lowo ofuna ukuhamba, phakamisani izandla zenu manje.

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyophendula, "Nkosi, ngithume mina."

273 Baba waseZulwini, lokho makube yizinjulo zenhliziyo yethu, Nkosi. Qiniso izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni. Khona lapha edolobheni lasePhoenix, ngokwangempela izinkulungwane zidukuza esonweni. Futhi simi lapha, kulokhu ukusa, simbozwe nguBukhona bukaMoya oNgcwele. Sonke sinokubuzwa uBukhona baKhe benhlonipho efakana ugqozi. NgiyaMuzwa enhliziyweni yami. NgiyaMuzwa phezu kwabantu.

274 O Nkulunkulu, kwangathi umbono ungeza kithi, ukuthi singabubona ubungcwele bukaNkulunkulu, sibone ukuthi sibancane kanjani. Kwangathi izinsika zethempeli zingathuthumela ebukhoneni bethu, futhi lapho ngenkathi siseBukhoneni baKhe, Nkosi. Kwangathi amandla kaMoya oNgcwele angasishukumisa kanjalo nje, Nkosi, ukuthi akusizo kuphela izinsika zethempeli ezizothuthumela, kodwa izinsika enhliziyweni yethu zizothuthumela, insika yokunganaki, esizodedela umnyango wethuba likaNkulunkulu ukuba lingene. Kususwe, itshe lokungakholwa lisuswe.

275 Futhi masithi, Nkosi, siphendule ngokushesha, "Nkosi, ngiyazithoba. Ngifuna amaphiko phezu kwezinyawo zami, phezu kobuso bami." Kuqala, Nkosi, ngithobe, ukuze ngibe ukuthonya kwabanye. Ngiphe khona, Nkosi.

276 Busisa lengqungquthela. Busisa lemihlangano ezayo. Nalamabandla, laba, abazalwane bami, Nkosi, ebusweni bebaphikisanayo, bangibizile futhi bangicela ukuba ngehle, ngikhulume emabandleni abo. O Nkulunkulu, yokhela ikhandlela ngalinye. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungafika ukuKhanya okungaka, imvuselelo enkulu kangaka iPhoenix yonke. Yipha, Nkosi, ukuthi lokhu kuzokwenziwa phakathi

kwawo onke amabandla, nabobonke abantu baKho, kuzozonke izindawo, kuwo onke amahlelo.

277 Neminingi yaleyomiphefumulo eyigugu phandle lapha emgwaqeni iyabheka, futhi iyamangala, futhi ilindele ukubona ukuPhila kukaKristu kubonakaliswa phakathi kwabantu baKhe. Siphe khona, Nkosi.

278 Singahle singakwazi ukuthonya idolobha lonke. Kul'khuni ukuthi lokho kwake kwenziwa, ngoba phakathi lapho ukolo nokhula kundawonye. Kodwa, Nkosi, kwangathi singanomdlandla kakhulu, ukuthi sizozama ukokhela ikhandlela elincane elilodwa usuku nosuku, ngokutshela omunye futhi, senze into ethile ezothonya abanye ukuba bazi Wena futhi bathande Wena, ngokuba ukwazi Wena kungukuPhila. Sikhuleka lesisibusiso.

279 Busisa owethu uMfowethu Williams lapha, Nkosi, noDadewethu Williams. Siyabathanda. Bona, bayizi—bayizinceku zaKho. Siyakholelwa ekuzithobeni, Nkosi. Bakhotheme ezinyaweni zaKho. Sijabula kakhulu ukubona ukuthi Usebenza kanjani phakathi komndeni wabo, nangamadodakazi abo—abo neyabo—nendodana yabo. Nokuthi Unomusa kangakanani kubo!

280 UMfowethu Rose, nabaningi kakhulu babanye lapha, Nkosi, babesilisa, bamadoda amakhulu; nabafowethu bami abangabefundisi ozungeze phezu kwedolobha; nodadewethu, Nkosi, lokho yilokho. . .Bangabantwana baKho. Futhi ngi—ngifuna ukubeka ihlombe lami nabo—nabo, Nkosi. Ngifuna ukucindezela kakhulu. Ngisize, O Nkulunkulu. Ngimncane. Ngimncinyane, futhi angikwazi ukufuqa kakhulu impela. Nkosi, mangime lapho, futhi kwenze Wena ukufuqa. Siphe khona, Nkosi, ukuze sikwazi ukugudluza umthwalo omkhulu kaNkulunkulu, eMbusweni kaNkulunkulu. Siphe khona, Baba.

281 Sinikela lokhu konke kuWe, manje, njengoba siya phambili kusukela kulolusuku. Futhi siyazinikela, futhi sikhulekela imvuselelo enkulu. Futhi kwangathi iChristian Business Men bangakwazi ukucosha kusukela lapho futhi baqonde ngqo. Futhi kwangathi, bangathi nje banga. . .sekuphele ingqungquthela, kwangathi amabandla onke abe semlilweni, nemvuselelo iqhubeka njalo njalo. Kwangathi singakwazi ukuqala umlilo, Nkosi. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungaphephetha lawomalangabi, kuze kuthi wonke umphakathi ozungezile uvuthe umlilo wephentekoste. Siphe khona, Nkosi. Sikunikela konke kuWe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

282 Ngiyaxolisa ukunibamba isikhathi eside kangaka, ngoba manje sekucishe impela kube yisikhathi sasemini. Singahle nje sihlalele idina, ngiqagele. Futhi ngakho, kodwa, ngi—nginokubonga ukuba ngibe lapha. Inhlanganyelo yenu, ubambiswano lwenu belulukhulu.

283 Nabafowethu, bangaki phakathi lapha engizoba semabandleni enu kuleliviki na? Phakamisani izandla zenu macala onke. Lokho kuhle. Abafowethu nodadewethu, macala onke, ngiyabonga. Futhi sonke sinimemela nganeno, ngaleliviki, emihlanganweni.

284 Manje ngizokubuyisela kuMfowethu Williams lapha manje, ukuba avale. [Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Williams uthi, "Angawenza lomsebenzi kangcono kunoma ngingawenza."—Umhl.] Kulungile.

Khothamisa ikhanda lakho umzuzu nje-ke.

285 Bangaki ofuna phansi ealtare kulokhu ukusa, ngempela ngeqiniso ofuna ukubizelwa ealtare enhliziyweni yakho na? Uphakamise isandla sakho na? Uthi, "Nkulunkulu, ngenze ngibe yilokho engifanele ngibe yikho. Mina, ngilubumba. Wena unguMbumbi." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

286 Manje, njengoba nehlisa izandla zenu, ngabe ukhona yini omunye lapha ongakaze amemukele uKristu, ongazi ukuthi kuchaza ukuthini na? Ungahle ube yi . . . Uvele nje, o, ungahle ube phansi kokuthonya okuthize okungakaze kukwenzele nokunci okuhle. Kuthe nje ukuthonya, okufana nakho, kungasuka, okunye ukuthatheka okuncane kwamadlingozi, kodwa uqhubekile uphila impilo efanayo.

287 Noma mhlawumbe awukaze umeMukele, sanhlobo, futhi uthanda ukusho, kulokhu ukusa, "Nkulunkulu, leloZwi malizike kimi ngize ngikwazi ukumboza ubuso bami ngokuzithoba, futhi ngimboze izinyawo zami, futhi ngiguqe ealtare laKho, kuze kuthi a—amaSerafi azovayizelisa inkazimulo kaNkulunkulu phezu komphefumulo wami, futhi angihlanze ngoMlilo waKhe ongcwele." Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele. Ngilapha ngisekudingeni umkhuleko?" UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. O, uNkulunkulu akubusise. Lokho, phakamisa isandla sakho, wenza isinqumo enhliziyweni yakho. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

288 Omunye futhi, abanye bodadewethu lapha uphakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, angikholwa ukuthi kunjalo, ukuthi u . . . ukuthi uyasho. Bakubiza ngozonda abesifazane. Angikukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi uyangithanda, njengodadewenu." Futhi ngiyakuthanda, dade. Kodwa ngizama kuphela ukukutshela. Angifuni ukuba uthonywe nguMarilyn Monroe. Ngifuna uthonywe nguJesu Kristu, uyabo, nangeZwi laKhe. UyiZwi. Uma iZwi lingakuthonyi, khona-ke uKristu angeke, ngoba UyiZwi. Niyakwazi lokho.

289 Ngaphupha iphupho kungekudala, noma umbono, njalo. Kwakungesilo iphupho. Ngangimi lapho ngqo. Ngangiphandle

emahlathini, ngihamba ngiqapha. Ngibone abesifazane ababili. Nomunye wabo wayene...Elinye ibandla lePentecostal lakubhala, nelinye elinye. Futhi wathi, omunye wathi, "Dade, ucabanga ukuthi kulungile ukuba uMfowethu Branham ukuba asibhavumulele kanjalo na?" Wathi, "Ukuba uJesu ubelapha," wathi, "Mhlawumbe Ubengeke akusho."

290 Futhi babengangazi ukuthi ngangingubani, futhi ngangimi lapho. Ngathi, "Awu, manje, lalelani. Indoda ingahle ukuba iqinisile. Akunandaba, noma ngabe awukaze umbone uJesu, yebo noma qhabo, noma ngabe Ulapha, Angeliguqule iZwi laKhe. Belizoba ngelifanayo nje."

Bathi, "Awu, lokho kuqinisile ngempela, akunjalo na?"

291 O, aniboni yini ukuthi kuqinisile, mfowethu, dadewethu na? Aniboni yini ukuthi uKristu angeliguqule iZwi laKhe na? UyiZwi.

292 Bangabakhona abanye futhi na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham. Ngiyazi ukuthi angikho kahle. Ngikhulekele manje." Ungasiphakamisa nje isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise. Kusho ngempela lokho. Busiswa. Busiswa. Lokho kuhle. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise. Kusho ngempela ukuqonde nje, ngokusuka enhliziyweni yakho. Siza ekugcineni komgwaqo manje, isikhashana esincane esidana nje.

293 Mhlawumbe engqungqutheleni, ubusuku engikhuluma ngabo; futhi nginobusuku, ubusuku obubodwa, okungenani, engqungqutheleni. Ngifuna ukukhuluma ngezinye zalezozinto, into ethize nje evela enhliziyweni yami, naso impela isizathu sokuba ngime lapha kulokhu ukusa. Kunabantu khona phakathi lapha abangathi, "Amen, futhi Amen," isizathu sokuba ngime lapha kulokhu ukusa. Into ethize yenzekile engakaze yenzeke ngaphambili empilweni yami. Kunjalo. Yenzekile nje, futhi ingibize khona lapha ukuba ngiye eArizona. Ngilapha ngento ethize.

> Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni;
> Lalela ekukhaleni kwabo okulusizi nobumuncu.

294 Yini eyenza abantu benze okungalungile na? Ngukoma kubo. UNkulunkulu wabenza bome, niyabo, ukomela Yena. Futhi bayazama ukwenelisa lolo—lolobizo olungcwele ngezinto zezwe, bejoyina ibandla, bethonyelwa emdansweni noma okuthize. Bazama ukwenelisa leyonto engcwele uNkulunkulu ayifaka kubo ukuba bomele Yena. Futhi abakwenzayo, bazama uku—ukudedela udeveli abenelise ngokubanika enye into ethize engenelisi.

O Nkulunkulu, makususwe kulokhu ukusa.

295 O, bengingathanda kanjani ukubona leliqembu labantu ligcotshwe nje kakhulu ngoMoya oNgcwele! Ukuthi niphume lapha . . . Kuyoba nento nje ethize eyenzeka kuwe, into ethize nje ebingasithatha sonke lapha, mina nawe, mngani, sonke kanyekanye, siphume lapha siphansi kokuthonya kukaMoya oNgcwele, ukuzuzela uJesu Kristu imiphefumulo.

296 Manje ne . . . bekunezandla nje ebezithi azibe ngamashumi amathathu ebeziphakeme, ofuna ukuza, athole ukulungisana noNkulunkulu. Kube khona okungenani abayishiyagalombili noma ishumi, noma abangaphezulu balokho, okuyizoni, ongakaze ameMukele.

297 Asikhuleke, futhi phansi enhliziyweni yakho kukholwe. Yilokho kuphela ongakwenza, ngukukholwa. KukuNkulunkulu ukwenza konke okunye okusele. "UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga." Yilokho kuphela uAbrahama ayengakwenza. Wadingeka akholwe. UNkulunkulu wayezokwenza ukubalela. Yilokho kuphela ongakwenza ngukuthi ukholwe. Ngobuqotho nje manje khothamisa ikhanda lakho phezu kwetafula lakho kumbe noma ngabe ukuphi, futhi asikhuleke.

298 Nkosi Nkulunkulu, ngiyaqonda, ukuba bekukhona kuphela isandla esisodwa, hlobu luni lomkhuleko ebengizolwenzela lowomuntu na? Njengoba nje uMoya oNgcwele ubozohola inhliziyo yami.

299 Ngake ngahlala lapho abakhona, njengesoni, ngingamazi uKristu nensindiso yaKhe. Ngolunye usuku ngaKwemukela, Nkosi. Ngangingazi ukuthi kukanjani . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Angisoze ngakukhohlwa. Nkosi, kwashintsha impilo yami. Futhi ngiyazi ukuthi lokho akuphambene neZwi. Kukanye neZwi.

300 Ngakho, Baba, ngendlela yami yokuzithoba yokukwenza, Ungabemukela labo abaphakamise izandla zabo na? Futhi ngisho nalabo abangazange, uma benesidingo, bemukele, Nkosi.

301 Khipha lonke izwe. Khipha zonke izifiso zezwe. Kususe kubazalwane bami, kodadewethu. Kususe kimi, Nkosi. Ngikanye nabo. Sonke sisethempelini likaNkulunkulu. Futhi siyakuqonda lokho, ubuncane bethu, ukuthi sibancane kanjani, Nkosi, ukuthi sibancane futhi asibalulekile kanjani, nokuthi Umkhulu kangaka.

302 O Jehova, hawukela lezizoni. Nginxusela sonke, Nkosi. Thatha leliqembu elincane nami, kulokhu ukusa. Sihlanze, Nkosi. Senze izidalwa ezintsha. Ungekwenze, siza? Ngendlela yami encane yokuzithoba yokucela Wena, Baba, nginikela lokhu eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzobemukela.

303 Manje ngizinikela kuNkulunkulu. Nginikela izindlela zami, konke ukucabanga kwami, ukwenza kwami. Kwangathi ngingebe ngisayicabanga imicabango yami. Kwangathi

ngingebe ngisaba nanoma yiziphi izindlela zezwe. Kwangathi ingahlanzwa yonke. Kwangathi nje ngingaba nemsulwa, imicabango engcwele, kusukela namuhla kuqhubeke. Kwangathi yonke impilo yami ingaba ngeyaKhe.

304 Khuluma ngami. Futhi, Nkosi, ngi—ngingesho, ngenze lokho, ngaphandle uma Ukumisile. Wamisela iVangeli laKho ukuba lishunyayelwe ngamadoda. Wawungamisa umoya ovunguzayo ukuba uLishumayele. Wawungamisa izinkanyezi ukuba ziLishumayele. Wawungamisa inyanga, ilanga, ukuba kuLishumayele. Kodwa wamisa amadoda. Akayikukuguqula. Ulindele emadodeni. Awulindile ezinkanyezini; ziyaKulalela. Imimoya evunguzayo iyoKulalela. Kodwa, Nkosi, thina madoda, asilungile, asiKulaleli. Nkosi, sithethele, Ungeke na? Ungesithethele na?

305 Sithethele, Nkosi, futhi senze abefundisi, sonke, ngamunye ngeyakhe uqobo—ngendlela yakhe uqobo, ngamunye ngeyakhe—ubunjalo bendawo yakhe uqobo, ngamunye ngendlela yakhe uqobo, lapho angenza khona okuhle okwedlula konke. Sizinikela kuWe nje manje. Senze izinceku zaKho, abefundisi beZwi. EGameni likaJesu nginikela lomkhuleko.

306 Futhi Wasifundisa sonke ukuthi sifanele sikhuleke kanje.

*Baba wethu, osezulwini, Malingcweliswe igama lakho.*

*Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni, njengasezulwini.*

*Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.*

*Usithethelele* iziphambeko *zethu, njengalokhu nathi sibathethelela* labo abaphambukayo kithi.

. . .*ngasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi: Ngokuba umbuso ungowakho,*. . .*mandla, nenkazimulo, kuze-kube phakade. Amen.*

307 Ningakuvumeli neze kufe. Amen.

Uyakunakekela,
Uyakunakekela,
Libalele noma limathunzi,
Uyakunakekela.

308 Akakuzwakalisanga na? Manje, ngale kwetafula ngqo, asixhawulane omunye nomunye. Yibani nilokhu nihlezi nje.

Uyanakekela . . .

Thana, "UNkulunkulu akubusise, mhambi."

Uyakunakekela,
Li . . .

*Ukuthonya* ZUL63-0112
(Influence)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo ekuseni, ngoJanuwari 12, ngo 1963, ekudleni kwasekuseni kweFull Gospel Business Men's Fellowship International eRamada Inn ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

